# *Nithi NguBani Lona?*

Sanibona ekuseni, bangani. Impela lokhu ngikuthatha ngokuthi kuyinhlanhla ukuba lapha kulelibandla. Futhi ngithi ukulithanda igama lalo okokuqala nje. Libizwa ngokuthi yi "iJesus Name." Ngiyakuthanda lokho. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi lokho yi—lokho yi . . . Lelo yiGama engahlengwa ngalo, leloGama elithandekayo leNkosi uJesu. Bese kuthi-ke ukuba phakathi lapha nabangani bami abahle, sibuthene lapha ngalokhu ukusa okuhle kwangeSonto, khona lapha ePhoenix. Angazi nganoma yiyiphi indawo engingaqoka ukuba kuyo, ngaphandle uma kuba seNkazimulweni nani nonke. Naleso yisehlakalo esikhulu esisibhekile ngoluny'usuku.

2 Futhi ngibe nocingo logulayo, ukuba ngenyukele lapha ngalo, namhlanje. Futhi bengikhuluma noMfowethu Outlaw, umngane wami oligugu, futhi u—ungimemile ngomusa omkhulu ukuba—ukuba ngenyuke. Nabo bonke abefundisi lapha ePhoenix ubekahle ngempela kimi.

3 Ngiyamangala ngezinye izikhathi ukuthi kungani ngathuthela ezansi eTucson. Sekuyiminyaka emithathu ngisezansi lapho, futhi angikaze ngimenywe kunoma yiliphi ipulpiti. Ngakho ngithemba ukuthi ngi . . . ukuba nje ngenze ukuvakasha kwami—kwami enhla lapha eTucson . . . noma lapha ePhoenix, lapho engizizwa ngemukelekile. Awu, mhlawumbe bazongejwayela ngokunye . . . Niyazi, ngashumayela ezansi lapho ngobunye ubusuku, futhi ngashumayela amahora amathathu; akumangalisi bengangicelanga ukuba ngibuye.

4 Kodwa ngi—nginokuzwela okunjalo nje enhliziyweni yami ngoNkulunkulu nabantu baKhe. Futhi nginensa kakhulu, futhi ngi—ngiyesaba ngizoshiya into ethize futhi ngingakufaki okwenele, futhi ngifaka cishe imilayezo emithathu noma emine kowodwa. Ngakho ngempela . . . kinina bantu ebenisezansi lapho, ngiyaxolisa ngokunihlalisa isikhathi eside kangako. Bengingafanele ngikwenze lokho.

5 Kanti futhi ngiyajabula kulokhu ukusa ukuba lapha noMfowethu Carl Williams, noJimmy omncane lapha, nekhwaya, nomngane wami izelamani zakwaMosley; ukubona uBrad, uMfowethu John Sharrit, nabaningi kakhulu babangani bami; uMfowethu Pat Tyler, lapha, wasenhla le eKentucky, na—na—nabangani abaningi kakhulu ukubuthana nje kulo—lombuthano kulokhu ukusa. Niyabo, ngabona inqwaba yabangani bami abavela eTucson kanjalonjalo, behlezi lapha.

6 Ngicabanga ngoluny'usuku lapho konke lokhu sekuphelile, khona-ke siyobuthana lapho esiyo . . . asiyiku . . . asi—siyikudingeka neze ukuba siyeke ukulalela lomnyuziki omnandi,

niyabo. Kwenzekile nje ukuba ngiqaphele leyondodana kaMfowethu Williams, ihlezi emuva lapho, yenza ubufakazi ngobuny'ubusuku ezansi eRamada Inn. Futhi ngicabanga ukuthi ithi nje ayisondele emafidini ayisithupha ubude. Kodwa ngiyanitshela, emva kwalobo bufakazi, ngikholwa ukuthi yaba ngamafidi ayishumi ubude. Ivele nje . . . Ngempela ngakuthokozela umfana akusho, ubufakazi obumangalisa kanje pho.

7 Nxa ngizwa lababafo abasebancane abakahle befakaza ngokukholwa kwabo okumaphakathi nendawo kuKristu . . . Futhi sengi—ngigugile, futhi ngi . . . ngoluny'usuku ngizodingeka ukuba—ukuba—ukuba ngiyeke bese ngiya eKhaya. Nokubona lababafo abasebancane beza oselungele, futhi bezilungiselela ukucosha lapho engishiya khona . . . Futhi yileyondlela esenza ngayo. Yileyondlela impilo enekwa ngayo. Ukuthi si . . . isizukulwane esisodwa siyokwenyuka . . . nobaba nomama. Futhi bakhulisa abancinyane babo, nokubabona beshadelwa; nabazukulu befika. Futhi emva kwesikhashana, ezansi kuhamba uBabayi noMama beya othulini. Bese kuthi-ke, ngalesosikhathi, abantwana ngaleyonkathi uselungele futhi abazukulu; bese kuthi-ke, bashone. Kodwa kuyoba nokukhulu, ukuvuka kwabantu bonke ngolunye lwalezizinsuku. Sonke siyobizelwa eBukhoneni bukaNkulunkulu ukuba sizilande ngesikwenzile ngalokho uNkulunkulu asiphe khona: uJesu Kristu. Futhi ngakho, ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ngiphile kulesisizukulwane esinesigejane esikahle sabantu, osemhlabeni jikelele, engihlangene nabo. Ngi—ngivele nje—ngivele nje ngiyabonga kuNkulunkulu. Futhi ngoluny'usuku uma sekufika ukubizwa kwami, awu, ngiyo—ngiyodingeka ngihambe ukuyohlangabezana nemisebenzi engiyenzile. Ngiyifuna yonke ibe senkazimulweni nasodumweni lukaNkulunkulu.

8 Ziningi ezezinto njengoba ngi . . . sisondela oNyakeni oMusha engi—ngifisa sengathi benginga—ngingakhohlwa ngawo, kodwa ngiyazi ukuthi ngizivumile njengezinto eziliphutha kuYe futhi—futhi Uzifaka oLwandle lokuKhohlwa, futhi Akasophinde azikhumbule. Manje niyabo, thina asenziwe ngaleyondlela, siyohlala njalo sikhumbula. Singathethelelana, kodwa si—singeke sakhohlwa ngakho ngoba se—se—senziwe ngokwehlukile. Kodwa uNkulunkulu angakuthethelela futhi akukhohlwe. Angakwesula nje kube sengathi akukaze kube khona. Niyabo? Ngoba Unokungena kululoLwandle lokuKhohlwa, kodwa thina asinakho. Kucabangeni nje, ukuthi uNkulunkulu angekhumbule ngisho nokuthi sake sona. Kucabangeni lokho! Khwaya, nina bafo abasha, ukuba-ke . . . nithini-ke ngalokho na? UNkulunkulu akasakhumbuli ngisho nokuthi sake sona. Niyabo, Angakhohlwa yiyo yonke into, futhi ayisophinde neze yangeniswa enkumbulweni. Lokho bekungeke kwaba yinto ethize na?

9 Lena akusiyo nje indawo yokuntela. Angikholelwa kulokho kuchukuluza kwamahlaya noma ukuntela nge... Kungikhumbuza ngo—ngomngane wami. Sewemuka waya eNkazimulweni manje. Kodwa wa—waxoxa indatshana ngesinye isikhathi, nge—ngezithandani ezase zithuthele edolobheni futhi...zasemaphandleni. Futhi zazine...Lezizithandani ezisencane zazinobaba omdala, futhi wayevutha ngempela kuNkulunkulu. Ngakho intombi (lowo kwakunguyise) i... ngakho yayingene kubantu bezinga elithize. Niyazi, lapho eninalokhu lonke uhlobo lwemibungazo yezinga. Futhi ngakho, yayizoba nolunye uhlobo lombungazo ngalolosuku ekhaya kubo.

10 Futhi—futhi owayo—uyise, emva kokuba eseqede ilantshi yakhe, ngani wa—wayethatha iBhayibheli futhi aphume ekamelweni futhi afunde isikhashana. Futhi wayeLibeka phansi, bese ekhala, futhi amemeze, futhi adazuluke, futhi aqhubeke, bese esukuma bese efaka izibuko zakhe bese efunda futhi. Bese ethola into ethize, bese ezibeka phansi izibuko zakhe bese eqala ukukhala nokumemeza. Yathi, "Lokho kuzophazamisa idili lami ngakho ngi—ngi—ngifanele ngi... Kufanele kubekhona engikwenzayo ngoBabayi, futhi angazi ukuthi ngizokwenzenjani." Ngakho yanquma ukuthi izomdedela enyukele esitezi, bese eya phezulu—phezu kwe—kwendawo.

11 Yase—yase icabanga, "Awu manje, ngeke ngamnika iBhayibheli lakhe, ngoba uzokwenza into efanayo phezulu lapho." Ngakho ivele nje imnika endala eyezoMumo womhlaba, yase imthumela phezulu lapho. Yathi, "Babayi, buka izithombe zomhlaba jikelele nezinto sisenedili." Yayisithi, "Asizukuthatha isikhathi eside kakhulu. Sizo—sizoba sezansi...Wehle emva kwesikhashana." Yathi, "Ngiyazi awufuni ukuba ngalapho bonke labobesifazane bengakhona."

12 Wathi, "Qhabo, lokho kulungile, S'thandwa. Ngizo—ngizokwenyukela lapho."

13 Ngakho u...Yamlungiselela ilambu nendawo encane. Yayisicabanga, "Awu, lokho—lokho kuyakuxazulula. Manje, uzobuka izithombe nje bese efunda kancanyanyana nge—ngezomumo womhlaba, bese kuthi-ke...futhi emva kwesikhashana uzokwehla. Futhi kuzobe sekulungile."

14 Ngakho cishe ngesikhathi befika phakathi nokuphuza kwabo unemenayidi ophinki, niyazi, futhi benedili labo... Kwakusemva kwesikhashana, indlu iqala ukuzamazama, nendoda endala iqala ikugijima yehla yenyuka kwiphansi lendlu idazuluka futhi igxuma. Futhi—futhi yacabanga, "Kwenzekeni kuye na? Ubengenalo iBhayibheli phezulu lapho. Lokho... Ufanele ukuthi uthole iBhayibheli."

15 Ngakho yagijima yenyuka ngezitebhisi, yase ithi, "Babayi!" Yathi, "Lelo akusilo iBhayibheli olifundayo. Leyo eyoMumo womhlaba."

16 Wathi, "Ngiyakwazi, S'thandwa. Ngiyakwazi! Kodwa" wathi, "uyazi, ngoluny'usuku ngangifunda eBhayibhelini lapho uJesu athi Wafaka izono zethu oLwandle lokuKhohlwa, uyabo, futhi akangaphinde azikhumbule. Futhi bengifunda lapha ukuya lapho okuthi khona abakutholi ukugcina phansi kolwandle ezinye izindawo, kuMumo womhlaba." Wathi, "Cabanga nje, zisahamba."

17 Lokho kwakumenza ajabule. Ngakho ungathola uNkulunkulu noma ngabe ubuka ngaphi. Niyabo, uma nje uzoqalaza, yonk'into izokhulumela Yena.

18 Manje ngempela, qiniso, ngi—ngitshele uMfowethu Outlaw, "Ngizokhuluma ngani kulokhu ukusa na? Uwukhulumile umlayezo wakho kaKhisimuzi na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Umlayezo wakho woNyaka oMusha-ke?"

"Qhabo."

19 Ngakho, ngibe nezinye izihloko lapha ukuthi noma ngabe uma ngithola isimemo ndawondawo, ngizokhuluma uMlayezo wami woNyaka oMusha. Ngicabange ukuthi ngizokushiya lokho kuMfowethu Outlaw ngowakhe, ngeviki elizayo.

20 Ngakho ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizobuye ngithi gqi endikimbeni encane lapha engahle isihlalise imizuzu embalwa, iNkosi ithanda. Futhi sithemba ukuthi Izosibusisa. Ngifuna ukubonga uMfowethu Outlaw nebandla lapha, ngokungimemela phezulu ukuba ngikhulume lapha. Futhi ngi. . .Njengoba uMfowethu Outlaw eshilo, ukuthi "ubungani bethu abukaze bushazwe," kodwa umusa kaNkulunkulu usigcinile yonke leminyaka. Leli yibandla lokuqala elingimemile, futhi ngiza kulo, kwakusePhoenix.

21 Ngiyazi. . .ngikholwa ukuthi ngibuka uMfowethu Troll, lapha. Anginasiqiniseko. . .ohlezi ngaphambili. Kunjalo, Mfowethu Troll na? Ngikholwa ukuthi ubekhona ngalesosikhathi. Nginezinye izinto ezincane angiphe zona ngalesosikhathi; okuncane. . .bayakubumba noma okuthize. Niyazi, izinto ezincane zekhopha zasenhla lapha enakhe khona. Futhi uyaqalaza. . .Futhi nje ngiyamangala ukuthi kuyoba njani ngalokho kusa uma sesiwelela ngapesheya, niyazi, futhi sikwazi ukubona abantu. . .bathi, "Awu, lapho. . ." Niyazi, siyobukeka sehluke kakhulu ngaleyonkathi, kunoma senza manje. Sizo. . .Kunjalo. Asiyikuba nanoma yibaphi omaka besono noma ukuguga. Siyophelela. O, ngilangazelela lesosikhathi (anisilangazeleli nina na?) lapho zonke izinkathazo ziyobe seziphelile.

22 Futhi manje, nginoMlayezo ovela kuNkulunkulu engi—ngizizwela wona. Futhi ngi . . . Angifuni ukwehluka, kodwa ngifanele ngibe qotho. Futhi uma ngingazikhulumi izinkolelo zami, khona-ke ningeke naba nokungethemba. Ngoba ngi—ngi—bengiyofana kakhulu nembuka noma umzenzisi. Futhi ngi—ngifuna ukuba yinoma yini enye ngaphandle kwalokho, niyabo. Ngingahle ngilahlekelwe ngabangane abambalwa emhlabeni, kodwa ngi—ngifuna ukuhlala ngokwethembeka ezinkolelweni zami, kulokho engicabanga ukuthi kuqinisile.

23 Manje, iminyaka eyadlula, kwakulula kabi ngenkathi ngiqala ukuphuma; nezibonakaliso, nomlayezo, nokushumayela. Ndawo zonke ingalo yayivuliwe, "Woza! Woza! Woza! Woza!" Kodwa ke, niyabo, sonke isibonakaliso sangokoqobo esivela kuNkulunkulu sinom—Mlayezo, iPhimbo. Niyabo, Liyawulandela. Uma kungenjalo . . . UNkulunkulu akanikezi noma yini kanjalo kube ngumdlalo nje wokukunikeza. U—Uthumela into ethize ukuheha ukunaka kulokho Alungiselela ukukusho. Njengoba sinalokhu ukucula okumangalisayo lelikhwaya elikwenzile; bekungokokwenzani na? Ukuthulisa abantu ngomlayezo ozayo.

24 Senza lokho—lokho-ke isibonakaliso. UMose wayenezibonakaliso esakhuluma ngazo ngobunye ubusuku, nokuthi izibonakaliso zazinamaPhimbo. Ne . . . ngenkathi iPhimbo likhuluma . . . UJesu wahamba naye ephilisa abagulayo. WayenguMuntu omkhulu. Kodwa ngenkathi sekufika isikhathi ukuthi lowo—lowomProfethi, owayesemhlabeni . . . Ababekade bengenaye oyedwa iminyaka engamakhulu amane, futhi nangu Wayesemhlabeni futhi enza izibonakaliso. Khona-ke Waye "ngumfo okahle," wonke umuntu wayeMfuna. Kodwa ngenkathi uMlayezo owalandela lesosibonakaliso (iPhimbo) . . . ngenkathi Ehlala phansi ngoluny'usuku, wayesethi, "Mina noBaba waMi siMunye." O, he! Leyo—leyo—leyo kwakuyinto ethize ehlukile. Ba—babengakufuni lokho. Niyabo?

25 Nalokho . . . izwe lifana nalokho nje nokho, bangani. Niyabo? Ba . . . noma yini abangayithola, uma benga—bengazisiza ngayo, niyabo . . . Ukuthi ba—bayazizwa ukuthi inqobo nje uma kungabakhathazi, ngani, bazo—bazokwenza. Kodwa uma sekufika isikhathi sokuthi bafanele bashintshe imibono yabo ngezinto, kungaleyonkathi inkathazo efika ngayo.

26 Manje, niyabo, sakha indlu, hhayi ubonda. Abakhi bafuna ukuthatha ulayini wamabloks bese behla nje baqonde ezansi. Manje noma yimuphi umakhi angakwakha lokho. Kodwa kuthatha umakhenikha ongungqondongqondo wangempela ukujika ikhona. Niyabo? Uma uzosika ikhona, yilesosikhathi okuthatha . . . kukhombisa ukuthi ngabe u—ungumakhi owakha ngamatshe ngempela yini noma qhabo; nxa ungajika ikhona ngalo, futhi ulokhu uqhubeka nayoyonke indlu, kodwa ujika ikhona. Manje kukulamakhona okuyilapho inkathazo ifika

khona. Abakhi bafuna ukugcina indlu yehle njalo. Kodwa asakhi lona ubonda; kodwa, indlu.

27 Manje njengoba sisondela kulokhu, kulokhu ukusa, ngikhulekeleni, futhi ngizo . . . Nginikhulekela njalo. Futhi manje, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje eBukhoneni bukaJehova oMkhulu, uNkulunkulu. Futhi siyakuqonda ukungeneli kwethu; sonke siyaqonda. Futhi asisodwa phakathi lapha kodwa osekudingeni. Futhi ngiyamangala, sisakhuleka, ukuthi uma kubakhona noma yimuphi wenu onesidingo esikhethekileyo?

28 Niyazi, uNkulunkulu ungongenasiphelo, njengoba ngasho lapha ePhoenix ngoluny'usuku e—emhlanganweni ezansi lapha . . . Njengetelevishini nje, iyeza, uKristu ukhona lapha endlini manje. Niyabo, wonke umnyakazo owenzayo, njalo uma ucwayizisa iso lakho, akusoze kwafa. Kusemagagasini omoya osemkhathini wesibhakabhaka womoya. Itelevishini ayikukhiqizi lokho. Ivele nje icoshe lelogagasi lakho, bese iliveza esibukweni. Silapho noma kanjani. Sasihlala silapho njalo. Wonke umnyakazo owake wawenza usalokhu uphila, emoyeni. Manje, niyabo ukuthi sizoba yini ekwahlulelweni na?

29 Ngakho, uNkulunkulu ulapha ngendlela efanayo. AsiMboni, njengoba nje singaziboni lezozithombe zetelevishini. Kuthatha ishubhu elithize noma ingilazi yento ethize ukucosha iphimbo, bese ibuya iveza isithombe kanjalonjalo. Lokho kwakulapha ngenkathi uAdamu esemhlabeni, kodwa sisanda kukufumanisa indawo yakho nje. UNkulunkulu ulapha kulokhu ukusa. Futhi ngolunye lwalezizinsuku, esikhathini semiNyaka eyinkulungwane, sizoqonda. Kuzoba yikho ngempela kakhulu nje kunetelevishini noma izinto, ukuthi Ubekhona lapha emhlanganweni kulokhu ukusa.

30 Manje sisa . . . phezu kwalowomcabango, kugcine enhliziyweni yakho onesidingo sakho, futhi vele nje uphakamisele isandla sakho kuYe. Uzokwenza lokho na? Uthi, "Nkosi, . . . " Futhi enhliziyweni yakho, cabanga ngomcabango.

31 Manje, Baba waseZulwini, sinalokhu kusondela okukodwa kuphela, nalokho kungendlela yomkhuleko. Futhi si—siza ngeGama leNkosi uJesu. Asi—sifanele ukuphefumula iGama, ukuLisebenzisa. Asi . . . asifanele nhlobo ukucabanga ukuthi sifanele, kodwa ngoba simenyelwe ukuba sikwenze. Nokwazi lokhu, ukuthi Wathi, "Uma nicela kuBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyo—Ngiyo—Ngiyokupha." Futhi si . . . uma ukukholwa kwethu kuphela kungama emva kwalokho, kuyiZwi laKhe nokuthi UnguBani, khona-ke siqinisekile ukuthola lokho esikucelayo. Usibonile sonke isicelo. Usibonile isandla sami. Uyasazi isicelo sami.

32 Futhi Baba, ngibakhulekela ngamunye wabo. Ukuthi yonke into abayidingayo . . . Nkosi, angikholwa ukuthi iqembu

elinjengaleli belingacela noma yini eliphutha. Bekungaba okwento ethize yokuqhubeka kombuso wabo, kungahle kube ngokokuphiliswa kwabo uqobo; futhi ekwenzeni lokho, bebengafuna . . . noma ukuqonda kwabo uqobo. Bebengafuna lokho ukuze bakwazi ukuqhubela phambili uMbuso kaNkulunkulu.

33 Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi isicelo salowo nalowo sizophiwa yena. Busisa lelibandla, umelusi walo, abahambisana nalo, nabadikoni, abaphatheli, bonke abamalunga alo, izivakashi, izihambi. Abasizo izihambi, Nkosi. Sonke singabantwana baKho ngomusa nangoKristu. Futhi sikhulekela ukuthi Uzosipha kulokhu ukusa iSinkwa sokuPhila manje, ukuze sikwazi ukusuka lapha sinokuqonda ukuthi lezizicelo esizicelile siphiwe zona.

34 Busisa iZwi, Nkosi, njengoba ngiLifunda. Akukho-muntu o—okwaziyo noma owenele ukuhumusha leloZwi. UJohane wabona iNcwadi esandleni saKhe owayehlezi esihlalweni sobuKhosi, futhi kwakungekho-namunye eZulwini, noma emhlabeni, noma ngaphansi komhlaba owayefanele ngisho ukubuka iNcwadi. Kodwa omunye wamalunga wathi, “Bheka, i—iNgonyama yeSizwe sakwaJuda inqobile.” UJohane, ebuka ukuba abone i—ingonyama, wabona iWundlu elalihlatshiwe, i—iWundlu elinegazi liza futhi lathatha iNcwadi, lakhwela esihlalweni sobuKhosi lase lihlala phansi. Futhi wonke umuntu odumileyo waseZulwini bethula imiqhelo yabo emakhanda abo base bekhothama base bazi ukuthi Lalifanele.

35 Nkosi, sikhulekela ukuthi Lizoza esihlalweni sobuKhosi sezinhliziyo zethu kulokhu ukusa. Likhwele bese lithatha ukuba ngumniniwo wawo wonke umcabango esinawo, futhi lithathe iZwi futhi likhulume kithi ukuze sazi kakhulu ngaLo necebo laLo ezimpilweni zethu. Sicela lokhu eGameni likaJesu. Amen.

36 Manje, uma nifisa ukuphenya eBhayibhelini e . . . UmBhalo utholakala kuMathewu oNgcwele isahluko 21, futhi siqale nge . . . Ngicabanga ukuthi sifunda i—ivesi 10 nele 11 lesahluko 21 sikaMathewu. Yibani kahle, uma seniya ekhaya, uma ningakakwenzi vele ngalamaholidi, uma nizofunda lesisahluko nisiqede. Sihle kakhulu. Sihle sonke. Lesi ikakhulukazi, ngalenkathi yonyaka, nangoMlayezo mina ngethemba ukuthi uMoya oNgcwele ungivumele ukuba nginilethele wona kulokhu ukusa.

37 Qaphelani ivesi 10 njengoba sifunda, nele 11.

> *Kwathi esangena eJerusalema, umuzi wonke wanyakaza, wathi, Ngubani lo?*
>
> *Izixuku zathi, Lo uJesu umprofethi waseNazaretha laseGalile.*

Manje asi . . . UNkulunkulu akanezele eZwini laKhe i—ingqikithi yalokhu ukufundwa komBhalo.

38 Manje siyazi ukuthi sikhathi siyini, nabaningi benu bawejwayele umBhalo walesisahluko esithize. Use . . . ngempela ngosuku uKristu angena ngalo eJerusalema, egibele kulembongolo encane. Futhi si . . . Kunenganekwane ethi "kwakuyimbongolo emhlophe." Sengathi ngiyabona, ngokufanekisela ngaphambili kokufika kwaKhe kwesibili esehashini lempi eligitshelwayo. Lesosikhathi, umprofethi washo, ukuthi "Uyogibela . . . INkosi yenu iza kini igibele ithole lembongolo, futhi ithobile futhi imnene." Ifika kanjalo-ke futhi—futhi . . . phezu kwe—kwembongolo encane, umthwali-mthwalo omncane. Kodwa ngokulandelayo Ifika ivela eNkazimulweni (esahlukweni 19 seSambulo), Ifika njengoMnqobi onaMandla. Ingubo yaYo icwiliswe egazini, ihlezi phezu kwehashi elimhlophe, nalolonke ibandla leseZulwini liyaYilandela ligibele emahashini amhlophe. Nenganekwane (ayikho ngokombhalo noma ngokomlando) . . . Kodwa inganekwane ikholwa ukuthi Yayigibele imbongolo encane emhlophe lapho Izongena eJerusalema.

39 Manje lokho . . . ngikhethe lokhu . . . kusalokhu . . . ngenxa yokuthi sisemathunzini e . . . noma ngesikhathi senkathi yonyaka kakhisimuzi kaKhisimuzi, no—noNyaka oMusha; ukuphela konyaka omdala, nokungeniswa komusha. Izinsuku ezimbalwa kusukela manje, abantu abaningi bazobe bephenya amakhasi amasha futhi—futhi benza izinto ezintsha futhi benza izifungo ezintsha; futhi ngukuqala koNyaka oMusha. Futhi akubukeki neze kimi kukukhulu kakhulu njengoKhisimuzi. Angazi ukuthi kungani, ngithanda njalo ukukubiza ngo "Suku luka Santa Claus." Niyabo? Ngoba akukho okuningi ngempela . . .

40 Kwakungeke kube wusuku lokuzalwa kukaKristu. Kwakungeke nje ngokwangoqobo kube yilo. Wayezofanele ukuba azalwe ngoMashi noma ngoApreli, ngoba WayeyiWundlu. Futhi Wayeyimvu eyiduna futhi ezalwe ngaphansi *kwenqama*, uAries. Kwakufanele kubenjalo, niyabo. Nezimvu azizalwa ngoDisemba empeleni. Izimvu zizalwa eNtwasahlabo. Futhi-ke enye into, amagquma aseJudiya manje, kuneqhwa elingamafidi angamashumi amabili kulo. Abelusi bezimvu babengaba kanjani phandle lapho na?

41 Ngakho ngempela kuqhamuka esayenseni yezinganekwane zamaRoma, okwakulusuku lokuzalwa kukankulunkulu welanga. Ukuma kwelanga njengoba ledlula, izinsuku zeluleka zeluleka, nobusuku buya ngokuba bufishane. Futhi phakathi kukaDisemba 20 no 25 lusuku lokuzalwa kukankulunkulu welanga, phansi kwesayense yezinganekwane zamaRoma—Roma. Futhi-ke onkulunkulu babo . . . Futhi-ke babegubha usuku lokuzalwa kukankulunkulu welanga. Futhi uConstantine, futhi—futhi babemisa umthetho sisekelo webandla nohulumeni nokunye nokunye. Wathi, "Sizokuguqula" (engazi ukuthi kwakuyiluphi usuku) "futhi sikubeke phezu kosuku lokuzalwa

lukankulunkulu welanga, futhi sikwenze: *Usuku lokuzalwa lweNdodana kaNkulunkulu*." Niyabo? Okungukuthi . . . Kodwa asazi ukuthi kwakuyiluphi usuku.

42 Kodwa manje, okwabo, sekukhiphe okuningi kakhulu kukaKristu, sekuze kube yiyo yonke into . . . abanye futhi babuyisa isayense yezinganekwane yesinye isidalwa esasiphila, ukucabangela, esigama linguNicholas oNgcwele noma—noma uKriss Kringle, enye isayense yezinganekwane yaseJalimane. Futhi konke kuyinganekwane nje, futhi uKristu akekho kuyo nhlobo.

43 Nabantu usephendukele ekuthengeni iwiski, no—nokugembula, nezimfashini. Futhi no—nomuntu o . . . umhwebi ongathengisa izimpahla zakhe ngesikhathi sikaKhisimuzi angaphila unyaka wonke, cishe impela. Niyabo? Kuyiholide elikhulu impela, ezohwebo. Nabantwanyana abancane abahluphekayo estradini; abazali babo abakwazi uku—ukubavakashela ne—nesipho, njengesivela kuSanta Claus, futhi behla ngestradi, nezandla zabo ezincane ezingcolile namehlo abo amancane abomvu. Ngi—ngiyakuzonda nje ukulubona luza. Bekufanele kube lusuku olunesizotha lokukhonza kuNkulunkulu, esikhundleni sosizi nobuhlungu bekhanda nezinto oluzenzile. Akukho lutho kuKristu ngalokho. Kodwa siphakathi ngqo kwakho konke lokhu manje.

44 Sizithola thina, into efana nababeyiyo ngaleyonkathi. Niyabo, kungukungena nje manje emkhosini omkhulu. UJesu wayeza eMkhosini wePhasika. Futhi Wayengene eJerusalema . . . noma engena eJerusalema. Neziprofetho zakho konke Akwenza zifanele zigcwaliseke. Yonke into eseBhayibhelini inekuchazayo. Lonke igama linelikuchazayo. Akukho lutho olubhalwe emBhalweni kodwa luno—nokukhulu elikuchazayo.

45 Ngakhuluma ngobuny'ubusuku eTucson, ngokuthi *Kungani Kwakufanele Kube nguMelusi wezimvu Esikhundleni SikaSiyazi wezeNkolo Na?* Wazalelwa ngqo eceleni kwebandla. NoMoya oNgcwele uphuma uya le ehlane futhi ucosha, hhayi osiyazi bezenkolo, kodwa abelusi bezimvu. Kwakufanele kube ngaleyondlela. Osiyazi bezenkolo babengeke bawukholwe uMlayezo onjalo. Ngakho ba . . . kwakufanele kube abelusi bezimvu.

46 Ngashumayela phezulu lapha, eminyakeni embalwa eyadlula, eminyakeni emibili eyadlula, *Kwakungani Khona, Kube iBethlehema Elincane na*? INkosi ithanda, ngoKhisimuzi ozayo, ngifuna sishumayele ngokuthi, *Kungani Kwakufanele Kube yiSazi na*? Laba *Okungani*?: banezimpendulo kubo, futhi bakhona lapha eBhayibhelini. Futhi siphila esikhathini esimangalisayo, isikhathi esikhulu kunayoyonke iminyaka. Siphila lapho seku, noma yisiphi isikhathi sokuthi . . . isikhathi singanqamuka nePhakade lingahlangana thaqa phakathi

nakho futhi kuqhubeke. Iminyaka yabobonke abaprofethi nezazi, zabuka phambili. Besifanele kuwo onke amahora sibe sekuqapheni kwethu, sibhekisisa ukufika kwaKhe.

47 Sizithola thina, kuloKhisimuzi, cishe nje njengoba benza ngoKhisimuzi wokuqala nokho. Izwe selicishe nje lihlakazeke. Njengoba ngake ngashumayela kanye, ndawo ndawo, ngomlayezo wangoKhisimuzi, *IZwe Liyahlakazeka*. Futhi izwe selicishe lifike ekubeni yizicucu futhi. Bukani ukuzamazama komhlaba okuningi phezulu lapha eCalifornia. Ngiyabikezela, ngaphambi kokufika kweNkosi uJesu, ukuthi uNkulunkulu uyocwilisa leyondawo. Ngikholwa ukuthi iHollywood neLos Angeles, nalezozindawo ezingcolile laphaya, ukuthi uNkulunkulu uMninimandla onke uyozicwilisa. Zizoya ngaphansi ekugcineni kolwandle. Futhi kunesiningi kakhulu isono, niyabo, kuyisivimbelo.

48 Impucuko ihambe nelanga, isuka . . . futhi yaqala eMpumalanga iya entshonalanga. Futhi manje isisoGwini lwaseNtshonalanga. Uma iqhubeka iya phambili, iyobuyela emuva futhi eMpumalanga. Ngakho leso isivimbelo. Nesono sihambe kanye nempucuko, futhi kuba umgodi wokungcolileyo kwayoyonke iminyaka. Izinto abazenzayo lokho—lokho izidalwa ezingabantu ezazingeke kuyoyonke iminyaka zingeke zicabange ngento enjalo. Owesifazane baziphose entweni engcolile kanje, kuze kungabibikho owesifazane wanoma yimuphi unyaka owayeyoke acabange ngento enjalo njengoba senza namhlanje. Futhi-ke sisalokhu sizibiza ngamaKristu. Ihlazo elinje pho!

49 Akumangalisi umprofethi omkhulu waphakama, futhi wathi, "Angisuye umprofethi kanjalo angisiyo indodana yomprofethi, kepha . . . " Wathi:

> *Ingonyama ibhongile,* futhi *ngubani* ongayi*kwesaba* na? Futhi . . . *UNkulunkulu* ukhulumile, futhi *ubani ongayi*kuprofetha na?

Niyabo? Khona okuthize okufanele kumemeze.

50 Sisehoreni elibucayi; izwe likulo. Kodwa iBandla, iBandla langempela (hhayi ihlelo); kodwa iBandla, Uqobo lwaLo, selilungele ukunqoba okukhulu kunakho konke Elake lakwenza: ukufika koMyeni kuMlobokazi.

51 Siyahlukana, sibheke umesiya (into ethize) ukufika futhi asisindise, asikhiphe kukho konke okwakho. Sibuka phansi . . . izinkathazo ezansi eMpumalanga. Sibuka phesheya eAfrika izibhelu, nezinkinga zobuzwe, nokuhlanganiswa, no—nokwehlukana. Futhi sonke saqophisana futhi sampongoloza lapha kungekudala (abangane bethu abangamakhaladi) ngokuthi, "Sifanele sibe, sifanele sibe nokuhlanganiswa. Yilokho esikudingayo. Sifanele sibe nokuhlanganiswa; wonke umuntu, ngokulingana, wonke umuntu." Awu, lokho kulunge ngokuphelele. Lokho kulunge ngokuphelele. Angikholelwa

ebugqilini. Labobantu wayengesizo izigqila kwasekuqaleni nje. Abasizo izigqila.

52 UNkulunkulu ungumehlukanisi. Nginjalo nami futhi. Nayimuphi umKristu ungukwehlukana. UNkulunkulu uhlukanisa abantu baKhe kubobonke abanye. Ba . . . Bebehlala njalo bengukwahlukana. Wakhetha isizwe. Ukhetha abantu. Ungumehlukanisi. Wenza zonke izizwe. Kodwa noma kunjalo, umKristu wangokoqobo ngempela ufanele abe ngumehlukanisi. Azehlukanise ezintweni zezwe nazo zonke izinto, bese engena enhlosweni eyodwa, uJesu Kristu.

53 Kodwa bayakumpongozelela lokho. Ngizamile ukubatshela, “Akusiyo into leyo eyosindisa isizwe sakithi. Lokho iqhinga lezombusazwe kuphela. Kuyi—yinto yesendlalelo sobukhomanisi.” Ngicabanga ukuthi uMartin Luther King uzoholela abantu bakhe ekubulaweni okukhulu kunakho konke, nokubulala ngokucekela phansi, kokwake babakukho. Futhi ba . . . Niyabo, lokho akuzukulidonsela izwe ndawonye. Lokho akuzukusisindisa. Sibanika ukuhlanganiswa. Manje kubi kakhulu kunalokhu osekwake kwabayikho. Niyabo, lowo akusiwo u . . . lowo akusiwo umbuzo. Kukhona into eyodwa engakwenza kuphela: lowo nguNkulunkulu. Futhi ngempela abaKufuni.

54 BabengaMfuni ngaleyonkathi. Babehlukana phakathi, nezombusazwe zabo zazehlukana phakathi, izizwe zabo sasibhidlika, amabandla abo lalibhidlika, futhi bekhalela uMesiya. BabeMfuna. “O, sithumelele uMesiya.” Kodwa ngenkathi Efika . . .

55 UNkulunkulu wanikeza . . . unikeza impendulo emkhulekweni wakho. Ucelile, futhi uyokwemukela. Futhi lokho nguku . . . bengingama lapha amahora, kowesilisa nabesifazane, ngisho namaKristu, bekhulekela into ethize; noNkulunkulu unikeza impendulo futhi abayazisi ngisho.

56 Futhi manje, uNkulunkulu wa*ba*nika impendulo. Bafuna uMesiya. Babazi ukuthi babeke babanaye uKhesari, futhi babeke babanabo—babeke babanabo oDavide, babeke babanabo oSolomoni (isazi), babeke babanabo oDavide (amaqhawe anamandla), ba—babeke babanazo zonke izinhlobo, kodwa babazi babefanele babenosizo oluvela eZulwini futhi ba . . . uNkulunkulu wayebethembise uMesiya. Futhi Wabathumela lowoMesiya, empendulweni emkhulekweni wabo, kodwa babengaMfuni.

57 Ngiyamangala, namhlanje, uma imikhuleko yethu . . . Ubezwa bethi, “Khulekela imvuselelo enkulu. Khulekela *lokhu*. Khulekela ukuphumelela. Khulekela ubunye.” Ngiyamangala, uma uNkulunkulu ubengathumela uhlelo olunje, uma besingalwemukela. Ngiyamangala nje uma besingakwemukela Asithumelela khona. Niyabo, U . . . Isizathu

sokuba sikhulekela lezizinto, ngoba siyazi kuyadingeka. Kodwa uma uNkulunkulu eluthumela ngaleyondlela Alufuna ngayo, ngakho-ke akuyi ngokunambitha kwethu, futhi ngakho-ke asiyikukwemukela. Futhi yileyondlela okwakuyiyo ngalolosuku. Uma Wayengekho ekunambitheni kwenkolelo yabo neyabo...Be—bebengeke baMemukele futhi, namhlanje. Yingalesosizathu babuza lombuzo, "Ngubani lona? Ngubani lomfo ozayo?" Niyabo, kwakuyisikhathi e—esikhulu kakhulu. O, wonke umuntu waye...ukuphakama kwemimoya. Kukhona okwakuzokwenzeka.

58 Futhi awubuke izwe namhlanje, ukuphakama kwemimoya okunje izwe lonke eliphila kukho. Uyehla ngestradi...A—akuphephile ngisho ukuphakama kwemimoya. Akuphephile ukuba semgwaqeni omkhulu onemizila emine. Wonke umuntu usekuphakameni kwemimoya, ukusheshisa no...Yin'indaba na? Yehlisa umoya. Uyakuphi na? Yilokho okwenza izikhungo zezinhlanya zigcwale phama. Yilokho okufake ibandla esiyaluyalwini esinje. Ba—babopheke kakhulu emakhanda entweni ethize. Ngeke bama futhi banake iZwi likaNkulunkulu, nehora esiphila kulo; konke ngaphansi kobunzima, ukuphakama kwemimoya.

59 Futhi manje, siyazi. Siqaphele. Umhlaba usanda kwedlula nje ezinhlungwini ezinkulu zokuzala ezithize. Nebandla ledlula ezinhlungwini ezithize zokuzala. Lafanele ledlule ezinhlungwini zokuzala ngaphambi kokuba linikeze... Ngamunye wabaprofethi, ngenkathi befika ezweni, kwakungubuhlungu bokuzala ebandleni. Izwe ledlule eMpini yoMhlaba yokuQala, iMpi yoMhlaba yesiBili, futhi manje selilungele iMpi yoMhlaba yesiThathu. Futhi lisezinhlungwini zokuzala futhi. Kodwa kukhona into eyodwa kuphela engaletha ukuthula, futhi lowo uKristu.

60 Onke amaqhinga ethu, nemibono yethu, nokwakhiwa kobufundisi bethu, nazozonke ezombusazwe zethu, nayoyonke isayensi yethu nayoyonke into, kufakazisiwe ukuthi kungumbhedo. Futhi-ke sikhulekela ukuba uNkulunkulu a—asisize, ukusilamula, "Woza usenzele okuthize." Futhi-ke uma Ekwenza, ngiyamangala nje uma besiyokwazi ukuKuqonda; uma besiyokwazi ukuKwemukela; noma ngisho besingaKunaka na?

61 Manje yilokho okwenziwa emuva kulezozinsuku. Bebeyobe bekhuleka, babeyoba nazozonke izinhlobo zabaholi abakhulu, babeyoba ngaphansi kohulumeni, babeyoba ngaphansi kobukhosi, babeyoba ngaphansi kwayoyonke into, abahluleli. Kodwa babazi ukuthi kukhona into eyodwa kuphela eyayingabasindisa, lowo kwakunguMesiya ozayo. Futhi u*Mesiya* uchaza ukuthi "ogcotshiweyo." Isidalwa esingumuntu esasigcotshiwe. Khona-ke isidalwa esingumuntu, esigcotshwe ngeZwi. IZwi lenziwe inyama phakathi kwethu. Futhi ngenkathi

Efika, Wa—Wayengekho nje impela ekunambitheni ababeMfuna kukho; hhayi ukunambitha ababenakho...ukuthi Ayefanele angene kukho. Ngakho ngakho-ke ba—ba—bayamemeza, "Ngubani lomfo? Umayelana nani wonke lomsindo?" Isigejane sabantukazana ezansi lapho esangweni, bephula amasundu ne...

62 Futhi wathi, "Ngani, bathuliseni. Bayasethusa, indlela abadazuluka ngayo, futhi bempongoloza, futhi beqhubeka."

63 Wathi, "Uma bethula, lamadwala ngokushesha azomemeza."

64 O, isikhathi sasisombulula! Isiprofetho sasigcwaliseka. Akumangalisi! "INgonyama iyabhonga, futhi ngubani ongayikwesaba na? Futhi uNkulunkulu ukhulumile. Ngubani ongeprofethe na?"

65 "Qhabo, uma Wayengekho nje ekunambitheni kwethu uqobo...Uma nje Wayengesiyo indlela esasiMfuna ngayo, indlela esasicabanga ukuthi Ufanele afike ngayo, sasingeke siMemukele." Ngakho-ke, kwakuyizivumokholo zabo ezazibaqhelise kude kakhulu eZwini elilotshiwe. Babeqhele kude kakhulu, behluleka ukuMqonda ababeMkhulekele ukuba afike. Amabandla abo ayebaqhelise kude kakhulu, kwaze kwathi yona impela into ababeyikhulekele, yayinabo ngqo, futhi yayingekho ekunambitheni kwabo, futhi ngakho ba—ba—babengeLikholwe. Babefanele badede kuLo. BaLixosha. Ba... Yinye kuphela into ongayenza uma uhlangana noKristu. Lokho kuphakathi kokuthi uMemukele noma uMenqabe. Ungeke neze wasuka uhambe uphakathi nendawo. Ungeke wakwenza lokho. Aku—akusikho okwakho ukukwenza. Kungaleyondlela nje.

66 Qaphelani nje, bambalwa kanjani abaMqonda eyiZwi eliGcotshiweyo, langalolosuku. Niyabo, uNkulunkulu ekuqaleni, engongenasiphelo, futhi azi izinto zonke kusukela ekuqaleni...Futhi into kuphela lezizinto eziyikho ngukuvezwa obala kwezingxenye zaKhe ezingahlukaniseki. Ingxenye engahlukaniseki...Unengxenye engahlukaniseki. Umcabango wakho. *Ucabanga* ngokuthize, bese uyayi*khuluma*, bese uyayi*thatha*. Lowo nguNkulunkulu. Yena, ekuqaleni... Uma u...Uma wake wabakhona noma uyoke ubeseZulwini, wawuseZulwini ukuqala nje. Uyingxenye kaNkulunkulu. Wawungumcabango waKhe. Wayelazi igama lakho. Wayekwazi ukuthi wawungubani ngaphambi kokuba kuze kubekhona u—u—umsuka wezinye izinto, kungakabibikho kukhanya. Kungakabibikho lutho, Wakwazi wena negama lakho. Futhi walifaka eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe. Niyabo, wawungumcabango waKhe. Kwase kuthi-ke i...Usuba-ke yiZwi. Futhi izwi li—lingumcabango oveziweyo. Khona-ke uyabonakaliswa.

67 Yileyondlela Ayeyiyo. Wayekhona ekuqaleni ngesingaYe. UNkulunkulu wayehlala yedwa nemicabango yaKhe. Akasoze aphinde akwenze lokho ngoba imicabango yaKhe yenziwa ibonakaliswe. Futhi yingakho sikhona khona lapha, ngalolusuku. . . nguNkulunkulu ehlanganyela nemicabango yaKhe, ibonakaliswa. Niyabo? Nakho lapho esikhona. Ngakho, wena, ngokuthatha umcabango, ungenezele isilinganiso esisodwa sobude bakho. Ungeke ukwenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. NguNkulunkulu okhombisa isihawu. NguNkulunkulu. "Konke uBaba Angiphe khona kuyoza kiMi, futhi akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi." Lokho kuyakuxazulula.

68 Manje, qaphelani nje, bambalwa kanjani ngosuku lwaKhe, bezigidi phezu komhlaba, abangazange ngisho bazi ngaYe elapha. Cabanga nje, kwakukhona amashumi. . . izigidi zabantu ezingazange zazi lutho ngakho. Futhi ukucabanga, kwaIsrayeli ngalesosikhathi, kwakukhona abantu abayizigidi ezimbili nengxenye ePalastine, zamaIsrayeli, futhi akukho noyedwa ekhulwini kubo owake wakwazi. Akumangalisi Athi, "Isango lincane nendlela iyingcingo, kepha bayingcosana abayoba khona abayoyifumana." Cabanga nje ukuthi bangaki abangaMqondanga! Ababengazi ukuthi WayeyiLokho. Futhi bona bengakhona ngqo lapho Ayekhona; leyo ingxenye edabukisayo.

69 Labo abahamba naYe, futhi baMbona estradini, nokunye. . . a—abaqondanga ukuthi WayenguBani, ngoba uSathane wabona ukuthi Wayene—negama elinenhlamba ukwedlula onke elalinganikwa umuntu. Wabizwa yizwe (izwe lemvelo). . . Wa—Wabizwa ngozalwe ngaphandle komshado (ngoba washo ukuthi "umama, wayezoba ngumama ngaYe, ngoJosefa, ngaphambi kokuba ashade naye"). Ngakho uMnika igama lozelwe ngaphandle komshado.

70 Laphinda futhi, i—ibandla laMbona emandleni aKhe amakhulu okubonakalisa. Ebonakalisa ini na? Engabonakalisi isivumokholo! Wayebonakalisa iZwi! WayeyiZwi eliGcotshiweyo, uqobo lwaKhe. Futhi ngenkathi bebona lokho kwenzeka (ukubonakaliswa, uMesiya oGcotshiweyo), baLenqaba. BabengaLifuni. Lalingekho ekunambitheni kwabo. Leyo yingxenye edabukisayo. Bangaki. . .? Cabanga ngakho nje! Njengakwezinye izinsuku nje.

71 Niyabo, ngamunye babenokuhumusha okungokwabo kweZwi. Yilokho oku. . . isizathu uIsrayeli engamqondanga uMose. Yingalesosizathu izwe lingamqondanga uNowa. Yingalesosizathu bonke abaprofethi engaqondwanga. Banokuhumusha okungokwabo kweZwi. Kodwa uNkulunkulu, kuwowonke unyaka, ubenoMesiya waKhe. Niyabo? Ukwenqaba uMlayezo kaNowa, kwakungukwenqaba uNkulunkulu. Ukwenqaba uNowa, kwakungukubhubha. Ukwenqaba uMose,

kwakungukubhubha. Kwakungu. . . BabengabaGcotshiwe bakaMesiya bangalowonyaka, iZwi elathenjiselwa lowonyaka. Futhi ngenkathi uJesu efika, Wayengukugcwala kweZwi.

72 UNkulunkulu, qobo lwaKhe, wenziwa ngesakhiwo somuntu, ngamathambo nenyama; OGcotshiweyo. Futhi babefanele bakubone lokho. Kodwa niyabo, izwe labo—labo lebandla lalenezele kakhulu lapha futhi lasusa lapha no—nokunye, kwaze kwaxoveka kakhulu baze ba—bathembela ebandleni labo esikhundleni se—seZwi. Futhi ngenkathi bebone ibandla labo ligcotshiwe, khona-ke bacabanga ukuthi into ethize enkulu yayenzeka. Kodwa ngenkathi bebone i—iZwi ligcotshiwe, khona-ke bathi, "Lobo ngubuhlanya. Lendoda ingudeveli, uBelzabule." Isizathu kwakuphambene kakhulu nebandla labo kwaze. . . izivumokholo zebandla labo nalokho ababekwenzile. Futhi kwakungaleyondlela kukho konke ukufika komprofethi, ibandla laliba ngelixoveke kakhulu.

73 UNkulunkulu wathumela phansi imithetho yaKhe futhi wabanika isivumelwano. Nompristi wayengena futhi acosule, futhi anezele kuso, futhi athathe ngapha, futhi enze isivumokholo ngakho. Bese kuthi-ke, uNkulunkulu wayevusa engaphumi ndawo, omuny'muntu ogcotshiweyo owavuswa emandleni kaMoya. Futhi wayezondwa njalo ngabapristi, ngamakhosi. Futhi—futhi lapho abaprofethi bamanga bagqoke izingubo zabo ezintofontofo, futhi behamba ngesizotha, futhi kancane phakathi kwamakhosi nabapristi, bezikhombisa ukufaneleka kwamagama amakhulu ne—nezinto. Khona-ke owangempela, umprofethi weqiniso, akaqhamukanga ndawo, ayikho nayiyiphi yezinhlangano zabo.

74 Kuphi—wayekuphi noma yimuphi eBhayibhelini, lapho khona uNkulunkulu ake athatha umpristi wayesenza umprofethi ngaye na? Kuphi lapho uNkulunkulu ake athatha khona umfundisi ongusiyazi wezenkolo (indoda eqeqeshiwe, indoda eqeqeshelwe isayense yezenkolo) futhi enza umprofethi ngayo na? Akukaze ezindabeni zemilando zanoma kuphi, ake Akwenza khona, kunoma yimuphi unyaka. . . ake Akwenza. Uzofanele asuke kuleyonqubo, futhi akukhuphule. Futhi yilokho Ayekwenzile lapha.

75 UJesu, ngenkathi Ezalwa eBethlehema laseJudiya, emndenini ompofu, futhi Wayengenamuva njengoba bazi ngalo, oyedwa nje wesizwe sa—sakwaJuda, futhi umama nobaba waKhe wayevela ozalweni lukaDavide; futhi babefanele benyuke futhi bakhokhiswe intela. Futhi Wayelapha, umfo osemncane nje, ndawo ndawo. . . engenzi lutho kodwa ebhidliza amabandla. Futhi babeMzonda. Futhi akukho ababengakusho ngaphandle kokuthi lowomuntu wenze izimangaliso. UPetru wakuzwakalisa lokho ngoSuku lwePhentekoste, wathi, "UJesu, waseNazaretha, iNdoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwethu, ukuthi uNkulunkulu wayenaYe." Futhi

ukungenezeli eZwini laKhe kumbe noma yini; ukukwenza kucace kakhudlwana: "WayenguNkulunkulu enziwe inyama nathi. UNkulunkulu enathi."

76 Futhi kushiwo ngobunye ubusuku, ukuthi uMose, emile lapho nesandla sakhe sisesifubeni sakhe, wa . . . lowo kwakunguNkulunkulu kuMose. Wa . . . (ebambe izimfihlo enhliziyweni yakhe), futhi wasiveza simhlophe sinochoko. Wase-ke esibuyisela esifubeni sakhe futhi wasiphilisa, futhi-ke wayesesiveza futhi kithi ngenkathi Ethumela uMoya oNgcwele wehla; okwakunguNkulunkulu, futhi, ngesinye isimo nje ngoSuku lwePhentekoste. Futhi siyaSenqaba. Asisifuni Leso. Yileyondlela abenza ngayo ngaleyonkathi. Yileyondlela ebesingacishe sikwenze ngayo namhlanje.

77 Siyabona, wonke umuntu unokuhumusha kwakhe uqobo. Yingakho kudida kangaka. Kodwa niyazi, iBhayibheli lasho, ukuthi, "LeliZwi alisikho okokuchasiselwa ngumuntu ngokwakhe." Alidingi kuhumusha kwePresbyterian kwaLo. Alidingi kuhumusha kweBaptisti. Kanjalo aLidingi kuhumusha kwePentecostal. UNkulunkulu ungumhumushi waKhe yena. Wathi Uyokwenza, ngakho nje, Uyakwenza, futhi lokho kuyakuxazulula. Ngakho yingakho bebona iZwi lesethembiso ligcotshiwe bese kuthi-ke ngeke ba—baLemukele. Niyabo, ngoba Liphambene nezivumokholo zabo—zabo.

78 Ukuthi uMesiya (OGcotshiwe) uyobukeka enjani, nokuthi Uyokwenzani; kwakukude nokuqonda kwabo. Bese kuthi-ke ngenkathi bekufundelwa emiBhalweni, Ayokwenza, babesalokhu bengaKuqondi. Ngokuba ngenkathi lezi isazi zehla, zisuka enhla eBabiloni, zazithi azibe senyakatho-mpumalanga ukusuka eJerusalema, futhi zabuka phansi zase ziyibona leyoNkanyezi iholela ngasentshonalanga. ZaYilandela iminyaka emibili, ziqhamuka zehla zinqamula eMfuleni iTigris, futhi zidabula ezigodini naseShineyari, futhi zehla, zifika enhloko-dolobha yazo zonke izinkolo. Inkolo enkulu kunazozonke ezweni, ethempelini, eJerusalema. Futhi zehla zenyuka ngezitradi zithi, "Uphi Lowo na? Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yamaJuda na?" Ngani, akukho-muntu owayazi lutho ngakho. Kwakuxakile.

79 Kwanyakazisa ngisho inkantolo ephakeme iSanhedrin . . . kwabizwa izifundiswa ezinkulu futhi kwathiwa, "Fundani emiBhalweni lapho uMesiya . . . "

80 Futhi bahamba futhi bathola i—imiBhalo futhi bafunda ukuthi uMika wakusho lokho, "Phandle . . . Judiya . . . Betlehema laseJudiya, kawusiye omncinyane kubobonke ababusi? Kepha kuyakuvela kuwe lombusi."

Niyabo, esikhundleni sokuhlola, bavele bakulahla nje, "Awu, kuyisigejane sobuhlanya." Niyabo? Yingakho abelusi bezimvu bathatha uMlayezo. Niyabo, aba . . . Banokuhumusha

okungokwabo, ngakho-ke, ba—bayigeja into eyiqiniso ngempela.

81 Kodwa njengoba nanjalonjalo, nxa Efika, Ufika ngayo impela nje indlela iZwi elathi Uyofika ngayo. Ufika emzini ngokuyikho nje impela, endikimbeni yethu kulokhu ukusa, indlela iZwi elathi Uyofika ngayo. Futhi bathi, “Ngubani?” Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Babefanele ukwazi ukuthi kwakungubani. Futhi lapha. . .hhayi izwe elingaphandle, kodwa izwe lebandla lathi, “Ngubani? Ngubani lo?” Ngenkathi, lapho, imiBhalo yayisho ngokucacile ukuthi leyo iyona-ndlela impela Ayofika ngayo. Futhi bathi, “Ngubani? Ngubani lomfo? Awani onke lamadlingozi na? Yekani ukwenza wonke lowomsindo. Uyasethusa.” Ehhe. Niyabo? I. . .Niyabo? Yona kanye impela into ababeyikhulekele yayikhona lapho esandleni sabo, futhi abaMqondanga. Futhi Ufika ngayo impela nje indlela eyashiwo ngumBhalo ukuthi Uyofika ngayo. Futhi uma Efika namhlanje, Uyofika ngayo nje indlela umBhalo owathi Uyofika ngayo. Ufika njalonjalo ngokunambitha kweZwi likaNkulunkulu, futhi hhayi ngokunambitha komqondo othize kasiyazi wezenkolo ngakho.

82 Kambe, benazi yini ukuthi iZwi likaNkulunkulu alizanga neze kusiyazi wezenkolo na? Thola imiBhalo lapho Elake lakwenza khona. IZwi alizi kosiyazi bezenkolo; lutho nhlobo. Kodwa niyabo, uma iZwi belenziwe labonakaliswa namhlanje, iZwi losuku lwethu, beLiyoba sekunambitheni kweZwi likaNkulunkulu. Hhayi ekunambitheni komqondo wothize. UNkulunkulu ubeyothatha iZwi laKhe Alethembisela lolusuku, futhi aLigcobe, futhi beLiyokwenzeka. Yilokho kuphela. Ayikho indlela yokuLivimba ukuba lenzeke. Liyokwenza noma kanjani, akunandaba ukuthi ibandla lithini nokuthi bonke abanye ukholwani. Li. . .UNkulunkulu uyokwenza noma kanjani. Bayoba yingcosana nje impela abayoke bazi ngakho. Kunjalo, abayingcosana impela nje. Kwakuhlala njalo kungaleyondlela.

83 Niyabo, ngokuhumusha ngokungokwabo, babengeke benze lutho olunye ngoba babencike kulokho ibandla elalibatshele khona. Kodwa Wayezofika. . .Uhlala njalo efika ngaleyonkathi. . .Wakwenza ngaleyonkathi, njalo, futhi Uzokwenza ngasosonke isikhathi Afika ngaso, futhi yonke into Ayenzayo, iyoba sekunambitheni kweZwi. Ngakho ngakho-ke, angeke sabeka ithemba kulokho okushiwo ngabanye abantu. Iyodwa kuphela into ongabeka ithemba kuyo, futhi leyo yiZwi. Futhi neZwi linguNkulunkulu. NeZwi eligcotshiwe lenza uMesiya; iZwi eligcotshiwe lehora. Kuhle kanjani pho! Bakugeja, iZwi; ukulunga. . .Babene. . .IZwi njalo liqinisile, kodwa ukuhumusha kwabo ngaLo kwakuyiphutha.

84 Ngiyamangala uma lento enkulu, loMkhandlu weNkolo yobukristu esinawo emhlabeni namhlanje, noMkhandlu wamaBandla oMhlaba ubumbana ndawonye usenza sonke sibe

munye . . . Ngiyamangala uma beqonda uma . . . Yilokho ngqo imiBhalo eyathi bayokwenza. Kodwa bacabanga ukuthi kuyinto emangalisayo kakhulu ezweni, ukuthi sonke singahlanganisa izandla futhi sibe munye. Bathi, "UJesu wakhuleka ukuthi sibe munye." Yiqiniso lelo. Kodwa hhayi lolohlobo lobunye.

85 Wathi, "Sibe munye njengoba Mina noBaba simunye." Ya, sibe yilolohlobo lobunye. Manje-ke kuyoba kanjani lokho na? IZwi kithi kuyoba iZwi eligcotshiwe. Lobo ngubunye bukaNkulunkulu. Niyabo, ubunye bukaNkulunkulu yiZwi eligcotshiwe kuwe. Niyabo? Khona-ke ubayindodana (umesiya) yonyaka.

86 Manje sithola abantu bafana kakhulu. Abantu akashintshi. Lababantu babehlukaniswe amaqembu amathathu. Futhi sizobuka kulokho imizuzu embalwa manje. Ngiyazi sengizoshiywa yisikhathi kancanyana nje, uma kulungile kini. Nginensa kakhulu, nje ngi—ngi—ngi . . . Angazi; ngi—ngiyangena futhi ngibhale imiBhalo phansi, namanothi amancane. Bese-ke ngi—ngingena lapho no—noMoya oNgcwele uhwaphuna okukodwa, futhi ngi—ngi—ngi—ngi . . . kubukeka nje sengathi akukho kuphela kukho nje. Kulokhu kuqhubeka nje kuhamba. Kodwa, manje, endikimbeni yethu.

87 Babehlukene, lapho, emaqenjini amathathu ehlukene, nemiqondo emithathu ehlukene. Abanye baMkholwa. Abanye baMzonda. Futhi abanye abazanga ukuthi bafanele benzenjani.

88 Niyabo? Leyo—leyo yindlela nje esikuthole ngayo. Ngashumayela, ngikholwa ukuthi kulelibandla, kanye: *Abakholwayo, Abazenzisi, nabaNgakholwayo*. Bona bobathathu eqenjini, u—unakho lokho kuyoyonke indawo. Lokhu ubuthathu eqenjini, futhi; ukubona lesisimo sabantu besilokhu njalo siyiso. Singabuyela emuva le futhi sifakazise, leso isimo sabantu njalo. Babelokhu njalo bekulolohlobo lwesimo.

89 Khona-ke kubonakala ukuthi bekungaleyondlela njalo, khona-ke kusenza sibe ngabathanda ukukholwa ukuthi uNkulunkulu wenza abantu ukuba babengaleyondlela. Ngani, Uyokwenza isitha saKhe ukuba siMdumise. Yonke into . . . uPawulu, ebhala, kumaRoma, isahluko 8, wathi, "O, ndoda eyisiwula. Lu—lungasho yini ubumba kumbumbi, ukwenzelani okwami . . . kanje na? Akanamandla yini ukwenza isitsha esisodwa esihloniphekayo nesinye esingahloniphekiyo na?" Ukuba-ke Akabenzanga ubusuku na? Ubungeke neze ukuthokozele ukukhanya kwelanga. Ukuba konke bekungukukhanya kwelanga, ubungeke ukwazi ukuthi lithakaselwa kanjani. Ukuba-ke bekungekho ukugula na? Ubungeke ukwazi ukuthi ithakaselwa kanjani impilo enhle. Ukuba-ke bebengekho abantu ababi na? Bengekho abesifazane ababi na? Owesifazane olungile ubengeke ahlonishwe. Niyabo? Bebengeke . . . Ukuhlonishwa bekungeke kube ngokwakhe,

ngoba konke kungaleyondlela nje, kuyinto nje eyodwa ethule. Kodwa kungumthetho wokwahlukana.

90 UNkulunkulu ukwenza kanjalo: omunye angahlonipheki kakhulu, ukukhombisa ohloniphekile; omunye abe kude le ekungalungeni, kuveza . . . Uma kwakungenjalo, lokho bekuyoba into elungile. Uma kwakungekho . . . Angeke kwabakhona idola-mbumbulu kuze kubekhona idola langempela. Bese kuthi-ke elimbumbulu li . . . Uma lenziwa nje labambumbulu kwasekuqaleni, khona-ke bekuyoba ngelangempela. Kodwa li—liyikhophi. Angeke kubekhona . . . Angeke kubekhona isono kuze kubekhona ukulunga. Ngoba ukulunga yi—yinto elungile, futhi isono siyimpendukezelo yokulunga. Ngamany'amazwi, iqiniso liyiqiniso. Amanga angeke abe ngamanga kuze kuqala kube neqiniso; ukuphendukezela leloqiniso emangeni. Ngakho isono sonke asiyilutho kodwa ukulunga okuphendukezelwe. Ngakho-ke, kukhona inqubo ezweni.

91 Izinqubo ezimbili; futhi enye yazo inqubo *elungile*, futhi enye inqubo *ephendukezelwe*. Futhi enye yazo iZwi likaNkulunkulu, eliqinisile; futhi onke amazwi omuntu angamanga. Futhi lenqubo yobuhlelo esinayo namhlanje, ibumba uMkhandlu wamaBandla oMhlaba ukwenza uphawu lwesilo ukuba baziwe ndawonye, yinto eliphutha. Futhi umuntu ngokuphuphutheka bahamba bangene kukho.

92 UNkulunkulu uyibekile into emhlabeni yabo ukubakhulula ngayo. Kodwa bacabanga ukuthi kuyisigejane sobuhlanya. Abakufuni. Bayakucisha. Bacabanga ukuthi bafanele benze okuthize ngakho. Bafanele benze inqubo okungeyabo. UNkulunkulu usevele unayo inqubo lapha, iZwi laKhe. Kodwa asikufuni Lokho. Ngakho sizithola thina namhlanje, njengoba nje babenjalo ngaleyonkathi.

93 Futhi manje, lokhu sibona abantu bakhiwe ukuba babengaleyondlela . . . Qaphelani, uthi . . . Ngiyazi ngithatha inqwaba yesikhathi, kodwa angifuni ukuba ngilokhu ngibhekisisa lokho ngoba kuyangesabisa. Niyabo?

94 Ezombusazwe; manje sithatha njengoba . . . Ake sithathe isibonelo nje . . . ukubona uma abantu bakhiwe ukuba semazingeni amathathu—amathathu. Ake sithathe ezombusazwe. Kukhona abanye ovutha-bhe ngomuntu. Futhi elinye iqembu liyamzonda. Futhi elinye iqembu alazi ukuthi lizokwenzenjani ngaye; abazi ukuthi yikuphi, futhi kubaphosela ekudidekeni.

95 *Lo*muntu wathi, "O, ungumuntu omkhulu. U—uzoba nguMongameli wethu obadlula bonke."

O*munye* wathi, "Akalutho kuphela uyimbuka."

96 Khona-ke *ophakathi nendawo* wathi, "Manje angikwazi okufanele ngikwenze." Niyabo? Niyabo, sakhiwe ngaleyondlela. Senziwe kanjalo. Yileyondlela izidalwa ezingumuntu eziyiyo.

Kwakufanele kube ngaleyondlela ukugcwalisa indlela yokuphatha enkulu kaNkulunkulu. Nokwenza ukuzuza kwaKhe ngempumelelo Azoyizuza ngempumelelo emhlabeni, umuntu wafanele akhiwe kanjalo. Omunye *uqinisile*. Omunye *akaqinisile*. Futhi omunye *uphakathi nendawo* kwababili. Bekuhlala njalo kungaleyondlela.

97 Qaphelani, bayakwenza lokho ngasosonke isikhathi bengazi . . . Umuntu uphakathi nendawo, kuyindawo embi ngoba: omunye angalukhombisa udaba, kungani ecabanga ukuthi uqinisile; omunye angakhombisa ukuthi ucabanga ukuthi akaqinisile kanjani; futhi omunye ophakathi nendawo akazilutho ngendaba, akazi ukuthi aphendukele ngakuphi. Futhi kungaleyondlela nje enkolweni. Abantu benza okufanayo namhlanje mayelana nesiphetho sabo saPhakade.

98 Manje sizolimaza, umzuzu nje. Bayakwenza mayelana nesiphetho sabo saPhakade. Umuntu uyokwehla lapha kulokhu—kulokhu . . . ukuba adle. Futhi uma ungathola ulwembu kubheseni wakho wesobho, ubuyofuna ukuyimangalela leyonkampani noma lesositolo esidayisa ukudla kudlelwe phakathi. Ngani, ubungeke ulidle lelosobho, beliyoba nophoyizeni. U—u—u—ubungeke ulithathe nhlobo, iphela elikhulu noma into ethile ebile kubheseni wesobho. Ngani, ubungeke wabanalo nhlobo. Kuyokugulisa ukucabanga ngalo. Kodwa nokho, uyodedela lesosigejane sosiyazi bezenkolo bafuqele okuthile kwehle ngomphimbo wakho okuyokudedisa ngezigidi zamamayela kuNkulunkulu, futhi ukuminze. Kanti, "Umuntu uyophila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Kuyiketango umphefumulo wakho olengela ngalo esihogweni. Futhi njengoba ngishilo phambilini, "Iketango liqine kakhulu lapho libuthakathaka khona kakhulu." Isixhumanisi esisodwa ukuba sigqabuke . . . yilokho kuphela ofanele ukwenze ukugqabula elinye lawo; yilokho kuphela. Onke amanye awo lidedeleka lixege nalo. Liqine kuphela njengesixhumanisi salo esibuthakathaka kakhulu.

99 Manje . . . Futhi umuntu owaziyo uma udla lelosobho linolwembu olunophoyizeni kulo, beliyocishe likugulise. Ubuyofanele uye esibhedlela, futhi—futhi ube nokufuthwa esiswini sakho nenkathazo oyodlula kuyo. Futhi bekuyokubulala empeleni. Kodwa, he! Ubuyo . . . Ngani, ubungeke neze uye ngasendaweni enjalo. Ubungeke neze ufune ukuphinde ulubeke emnyango futhi, ngoba we—we—wesaba ukuthi uyofakwa uphoyizeni futhi ufe. Bese kuthi-ke ngokoqobo nijoyine, nifake amagama enu ezincwadini, futhi nilwele sona impela isizathu sento ukuthi iBhayibheli lathi, "Akusikho ukulahla umzimba wakho, kodwa ukuthumela umphefumulo wakho esihogweni." Niyabo? Abantu benza okuxake kangaka. Ba—bane . . . Bathatha isiphetho sabo saPhakade, basigxilise egameni elithize lesayense yezenkolo. Futhi ungabalethela

umBhalo, wathi, “Yilokhu iBhayibheli elakusho. Nakhu khona lapha.”

100 Futhi usiyazi wezenkolo aLibuke, “Awu, lokho kwakungokoluny’usuku.” Niyabo? Futhi niyamlalela. Niyakubona okushiwo nguNkulunkulu. Owangempela, umKristu weqiniso ulalela kuphela leloZwi, futhi yilokho kuphela. Umuntu kaNkulunkulu uphila ngalesoSinkwa.

101 Qaphelani, abanye—abanye bayakholelwa eZwini. Ngenkathi kukhona abanye abakholelwa ekuhumusheni kwabo kobuhlelo. Futhi kukhona abanye, ngalokhu kudideka, abangazi ukuthi bakholwe yini.

102 Manje *abanye* babo bathi, “O, loMkhandlu wamaBandla oMhlaba, lowo uzoba yinto. Uzosenza sonke sibe munye. O, kuyilokho nje.”

103 Futhi *abanye* bathi, “Ngani, kungokukadeveli! Nakhu lapha emBhalweni.”

104 Khona-ke u*muntu ongathathi isikhathi* sokuhlala phansi futhi akhuleke futhi akufunisise, wathi, “O, khohlwa yikho.” Ehhe. Ukhohlwe yikho? Ngeyakho . . . ngenkulumo-mbiko yakho, mfowethu, ngesikhundla sakho, okuthi gama lini olithatha ngaso, kuzokuthumela esiphethelweni sakho saPhakade lapho oyoba khona kuze kube phakade. Ungakwenzi lokho.

105 Kusifanele ukuhlala phansi uma noma iyiphi into enjengale ivuka. Futhi umbuzo, njengasezinsukwini zikaJesu; ngenkathi beza, ibandla lathi, “O, Uyimbuka nje. Akukho lutho kuYe.”

106 Kodwa Oyedwa wathi, “Hlolani imiBhalo.” Wathi, “KuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade, futhi Iyanitshela ukuthi NginguBani.”

107 Khona-ke abesilisa, abesifazane, nanoma isiphi isikhundla sobuKristu sisonke, noma ukuba nesasasa esiphethweni sabo saPhakade, bafanele bahlole imiBhalo futhi babone ukuthi WayenguBani. Khona-ke umbuzo wawungeyikuba ngukuthi, “Ngubani lona?” Babeyothi, “Nangu!” Yilowo umehluko. Niyabo, ngumuntu, ba—ba—bathanda ukuba ngaleyondlela nje. Abanye bamiselwe kukho. Kul’khuni ukusho lokho, kodwa yiqiniso. Kuyakukhombisa. Niyabo?

108 Manje, namhlanje, *abanye* uthi, “Ngiyalikholwa iZwi. IZwi liyiQiniso; lonke iZwi laLo.”

109 *Abanye* bathi, “A, abelusi bethu bayahamba futhi bafunde lolohlobo lwe . . . Bayazi ukuthi bathini ngaLokho.”

110 *Omunye* wathi, “Awu, angazi. Ngajoyina *leli*. Angilithandanga. Ngahamba ngeza ngapha futhi ngajoyina *leli*. A—angazi ukuthi ngibe ngowaliphi.” Niyabo? Kungaleyondlela nje okwakungayo ngaleyonkathi, uhlobo olufanayo lwesixuku.

Awu bekuhlala njalo kungaleyondlela, kusukela ekuqaleni, futhi kuyohlala njalo kunjalo.

111 Manje asinake iQiniso leBhayibheli kulendaba, futhi sibone uma Liqinisile; nje okwemizuzu embalwa manje . . . UAdamu . . . Ekuqaleni kwaqala kwasuka kanje, indlela esinayo ngakho ngqo namhlanje, ayikashintshi nakancu. U*Adamu* wayeyi "kholwa." U*Sathane* waye "ngongakholwayo"; akalikholwanga iZwi. Ngakho wathola u*Eva*, owa "yengaqinisekile" noma ngabe Laliqinisile noma qha. Niyabo? USathane, ongakholwayo . . . UNkulunkulu wathi, "Ngosuku enidla ngalo lapho, ngalolosuku niyafa."

112 USathane wathi, "Lokho akusilo iqiniso." Niyabo, futhi wayengaLikholwa. UAdamu waLikholwa. Ngakho wasebenza kulowo owayephakathi nendawo. Babengeke nje basho . . . wayengeke nje akusho.

113 Manje, qaphelani, owesifazane lapha umelele ibandla lesikhathi esizayo lehlelo elibizwa ngomlobokazi. Konke kuqubuka kuGenesisi. Yimbewu. Uqala kuGenesisi; uyosithola siqondile isithombe sakho. Niyabo? Manje, lapha, wayemelele ibandla lalolusuku ngoba abanye uthi (manje sithatha amaPresbyterian, namaLuthela, nawo onke eza ngapha, laba usomabhizinisi nokunye), "Singathanda ukuba ne . . . Sifuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Si—singathanda ukuWuthola."

114 Niyaluqonda usuku esasingaba kulona na? Niyabo? Kwakungaba ngukuthi abaWutholi neze. Niyazi ukuthi uJesu wathi, "Ngenkathi zona, intombi elele . . . "?

115 Manje, khumbulani, intombi elele iza ukuzofuna amafutha. Ayenamatheliswe onke ngophawu. AyiWatholanga. AyiWatholanga neze. Niyaqonda ukuthi emva kokuba uMlobokazi esehambile, wahlwithelwa eZulwini, amasonto ayolokhu esaqhubeka, abantu becabanga ukuthi bayasindiswa nayoyonke into njengoba babehlala njalo benza nje. Baqhubeke njengoba nje kwakunjalo ngemihla kaNowa. Baqhubekela phambili ngqo bedla, bephuza, nayoyonke into njengoba babehlala njalo benza nje. Babengakwazi, kodwa umnyango wavalwa. Futhi bekungenzeka, bangani, ukuthi umnyango ubungavalwa noma ngasiphi isikhathi. Mhlawumbe usuvele, ngakho konke engikwaziyo. Asazi.

116 Lapho bayoba abayingcosana nje ababo abangenayo. Siyakwazi lokho "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa (kwasindiswa imiphefumulo eyisishiyagalombili), ngakho kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Lapho imiphefumulo embalwa nje esindiswayo. Angisho ukuthi eyisishiyagalombili. Ingahle ibe amakhulu ayisishiyagalombili noma . . . A—angazi ukuthi abangaki. Izinkulungwane

eziyishiyagalombili . . . A—angazi. Izigidi eziyishiyagalombili . . . A . . .

117 Kodwa niyabo, uMlobokazi angeke akhiwe nje ngeqembu elincane elilapha emhlabeni manje. Ngenkathi umlindo wesikhombisa, ngenkathi Efika, zonke lezo intombi zavuka futhi zalungisa izibani zazo. Kusukela emuva le, wonke owayekholwa iZwi eligcotshiwe kusukela phansi onyakeni, uyavuka. Njengesivivane (ingxenye ephansi), futhi kuyaqhamuka . . . Kodwa iTshe eliyiNhloko lafanele lize ukucosha yonke into ukuyenza kube i—isivivane. Niyabo, kubekwe ndawonye. Manje, uMlobokazi uyokwenziwa ngabo bonke labo kusukela eminyakeni, okholiwe futhi wemukela uKristu njengoMsindisi wabo.

118 Manje, uEva wayengaqinisekile. UAdamu wamtshela, wathi, "Manje, uNkulunkulu wathi, S'thandwa, ukuthi, 'Ngalolosuku eniyakudla ngalo, ngalolosuku niyafa.'"

119 Kodwa bathi . . . USathane wathi, "Ngempela lokho kungebe ngokulungile. Ungathini nje u—uBaba engaphatha abantwana baKhe . . . Ihlaya elincane nje, into enjengaleyo. Ngempela aKunjalo." Niyabo?

120 Futhi ekugcineni waphendukela kuphi na? Waphendukela ku "ngempela." Futhi yilokho nje ngempela ibandla elikwenzayo namhlanje, impela. "O, *ngempela* . . . Siyibandla elikhulu. Singabantu abakhulu. Sesibe nesikhathi eside . . . Yonke lento abayibiza ngobuhlanya phandle lapha, le—lezizinto abazibiza ngomBhaphathizo kaMoya oNgcwele nakho konke, lowo ngumbhedo! Niyabo, lokho . . . Ayikho into enjengaleyo. A, *ngempela* . . . Ngikhokha izishumi. Ngiya esontweni. Umama wami waya e . . . *Ngempela* uNkulunkulu . . ." Kodwa, uNkulunkulu washo okwehlukile, futhi yileyondlela okuyoba ngayo, ekunambitheni nje kweZwi laKhe. Washo ukuthi lonyaka webandla laseLawodikeya uyoba njani. Nginencwadi eyisipesheli ephumayo, ngakho, masinyane impela, iNkosi ithanda, niyabo, yaleliLawodikeya, ukukhombisa ukuthi sekuvele kwedlule, ukuthi selivele liphawuliwe phakathi lapho, futhi uKristu ungaphandle. Akushiwongo neze ukuthi Wabuye wangena futhi, niyazi. Ngakho siyakuthola namhlanje, kubeka iZwi ngaphandle, njengoba kwakuhlala njalo kunjalo nje.

121 Manje, qaphelani, uMose, iZwi eligcotshiwe . . . noma simbiza . . . Ngiyethemba nizoqonda, uma ngithi wayenguMesiya. WayeyiZwi eligcotshiwe elalikade lethenjiselwe lolosuku. UMose wayeyilo! Niyakukholwa lokho na? Impela, igama—igama *Mesiya* lichaza "ogcotshiweyo." Niyabo? Manje, uNowa wayengo*gcotshiwe* wosuku lwakhe. UAbrahama wayekhulumile ukuthi kuyoba . . . Abantu bakhe bayogogobala iminyaka engamakhulu amane ebugqilini, futhi bayokhishwa ngesandla esinamandla, futhi nokuthi

uyokhombisani: izibonakaliso zakhe nezimangaliso . . . ne—nezizukulwane esasiza, nokuthi ziyokwenzani. NoMose wama lapho, lelo *Zwi eligcotshiwe* langalolosuku. Yingakho wayengafaka isandla sakhe esifubeni. Ngani na? Wayemi eBukhoneni bukaNkulunkulu. Amen! INkazimulo enkulu yaseShekina enkulu imzungeze macala onke. Wonke umnyakazo awenzayo wawumelele uNkulunkulu. Yilapho ibandla elifanele ngabe limi khona manje. Kunjalo! Esikhundleni salokho, sisukile saba sekukhaleni okuthize kwengane kwento ethize yobuhlelo obuthize.

122 Kodwa uMose wayethathekile, futhi ubuyela eceleni. Futhi kwakukhona leyoNsika yoMlilo elenga lapho kuleso sihlahla. Futhi lapha kwakumi uMose ogcotshiwe. Akungabazeki indoda yayingazi nokuthi yayenzani. Izimpawu ayezinikeziwe ngenkathi ema lapho nenduku yakhe yomelusi wezimvu, futhi wazi ukuthi lokho kungaba induku ehlane. Yaphenduka inyoka enobuqili, kwase-ke kuba isivumelwano; inyoka enobuqili eyasenzayo, ehlane. Zonke izinto azenzile . . . Zaziyizibonakaliso namaphimbo ekhuluma kubantu. Niyabo, kwakukhona okuthile okwakuhlangene naye. Futhi uMose kungahle ukuba akakwazanga ngisho yena uqobo lwakhe, kodwa wayeyiZwi eligcotshiwe langalolosuku. WayeyisiThunywa esigcotshiwe. Ngakho uma wayeyisiThunywa salelohora, wayenguMesiya walelohora. Wayengo*gcotshiwe*.

Manje, yena, uJoshuwa, noKalebi, kwakungamakholwa eqenjini (qaphelani) futhi bazama ukufundisa abanye iQiniso. Kodwa niyabo, uSathane (uDathani noKora) wabangela abanye ukuba babhubhe ehlane. Manje, kwakuyini inkathazo na?

123 UNkulunkulu wayembizile uMose. Wayengafuni ukuhamba. Labobaprofethi babenezinto ezinjalo ukuzenza baze ba—ba . . . Kwakuyinto el'khuni ukuyenza. Babengafuni ukuphuma, futhi baklolodelwe kukho. Babefuna ukuba nenhlanganyelo futhi bangene kanye nabobonke abanye futhi—futhi bahambisane kanye nabafowabo. Kodwa niyabo, njenga nje . . . Ngikholwa . . . Ngiyakhohlwa ukuthi kwakungumuphi umprofethi, owathi, "Uma . . . Angifuni ukwenza lokhu," (ngamany'amazwi) "kodwa inhliziyo yami yonke izokokheleka. UNkulunkulu ukhulumile futhi ngifanele ngiKwethule." Noma ngabe bayaKuthanda; noma ngabe bambethela; noma ngabe bamkhanda ngamatshe; noma ngabe yini abayenzayo . . . UNkulunkulu ukhulumile enhliziyweni yakhe, futhi ufanele aKusho. Hhayi ukuba ehluke, kodwa ukuba ngolalelayo. "Ukulalela kuhle kunomhlatshelo; ukulalela, kunamanoni ezinqama." Niyabo, Kwakusenhliziyweni yakhe. Ufanele akwenze. KwakungukuPhila kwakhe. Wayengeke aKubambe. Kwakukhona okuthize, ukushaya kwemithambo, okwabafuqa. Babengeke baKubusise noma baKuqalekise. UNkulunkulu

wayenokulawula okukhulu kakhulu okuphelele kwabo waze Wa—Wayeyiphimbo labo, ukwenza kwabo. Haleluya!

124 Nginike iBandla eligcotshwe ngokuphelele kakhulu ngoNkulunkulu kuze kuthi konke ukwenza kwabo nokunyakaza kube ngu ISHO KANJE INKOSI, lihambe lingene kuleyoNkazimulo yaseShekina, ngizonikhombisa uMesiya (ogcotshiweyo kaNkulunkulu) emi phezu komhlaba.

125 Nakho kumi uMose ngakulesisihlahla esivuthayo neNkazimulo yaseShekina. Emi lapho, egcotshiwe, kwakulukhuni ukwazi ukuthi wayenzani. Wayelalela nje lokho iPhimbo elalithi akakwenze, "Faka isandla sakho esifubeni sakho. Sikhiphe. Phakamisa leyonduku. Iphendule inyoka enobuqili. Iphose phansi futhi." Kungakhathaleki ukuthi noma ubani omunye wayethini, wayekwenza.

126 Wathi, "Nkosi, ngikhombise iNkazimulo yaKho, futhi ngilungele ukuya eGibhithe. Angisuye umuntu onobuciko bokukhuluma. Angikwazi ukukhuluma kahle. Kodwa Wena ngivumele nje ngibone iNkazimulo yaKho." Futhi WaYikhombisa kuye. Futhi wehla futhi wathatha lezizinto ezifanayo, futhi ukukhombisa ukuthi wayenguMesiya ogcotshiweyo. Leyondoda yacosha uthuli lomhlabathi futhi yaluphosa emoyeni, futhi izibawu namazeze andiza esuka kulolothuli, futhi kumboza umhlaba. Yini okwakungadala, ngaphandle kukaNkulunkulu na? Wathatha amanzi emfuleni futhi wawathela phezu kogu; futhi onke amaconsi amanzi eGibhithe lonke, aphenduka igazi. Yini okwakungenza lokho, ngaphandle kukaNkulunkulu na? Kwakuyini na? Wayezinikele ngokuphelele kakhulu eZwini likaNkulunkulu eligcotshiweyo waze waba nguMesiya.

127 AbaseGibhithe bazama ukuLenqaba ngalendlela . . . Abangakholwayo bazama ukuLenqaba. Abazenzisi bazama iqhinga labo. Kodwa iZwi likaNkulunkulu labathatha labaqondisa ngqo eZweni eleThenjisiwe. Kunjalo. Babegcotshiwe. Babe . . . WayenguMesiya.

128 Manje umbuzo uqubuka ehlane. Nakhu lapho kuletha . . . Niyabo, manje, ngifuna nibhekisise, bazalwane bami. Manje khumbulani, lababantu bazithokozela lezozibusiso. Bakuthokozela ukushumayela kwalomprofethi, lo ogcotshiweyo. Bamkholwa. Bamlandela. Kodwa lapho kwavuka ehlane, omunye ogama lingu—nguDathani, nomunye ogama linguKora. Futhi bathi, "Lokhu kufanele kube udaba lomuntu oyedwa. UMose ucabanga ukuthi nguye yedwa kuphela obizwe nguNkulunkulu."

129 LowoMlayezo womuntu oyedwa, babengaWufuni. Qhabo, babengaWufuni. Futhi uNkulunkulu akakaze asebenze kuphela ngomuntu oyedwa ngesikhathi esisodwa. Kuhlala njalo kunguMlayezo womuntu oyedwa. Kunini lapho Ake

asebenzisana khona nabantu, ngaphandle nje komuntu oyedwa na? Ngumuntu ngamunye. Akusilo iqembu. Ubophezelekile kuNkulunkulu, ngamunye ngamunye wenu. Wena uthi, "O, ngiyaWukholwa." Wena nje . . . Okwenzayo, uyaWubungaza nje. Ubungaza umcabango.

130 Nangu owesifazane emi lapha. Ngiyinsizwa, ngilindele ukuganwa. Uhlangabezana nezincaziselo zami ngayo yonke indlela. UngumKristu othandekayo: ubukeka njengaye, ugqoka njengaye, uziphatha njengaye, uphila njengaye. Ngizovuma angaba unkosikazi wami omuhle. Kodwa akasuye owami ngize ngimthathe abe ngowami.

Ungaleyondlela uMlayezo. Ungazwelana naWo futhi uthi, "Uqinisile." Kodwa ufanele uWuthathe wena uqobo ukuba ube yingxenye yaWo. Khona-ke wena noMlayezo niba munye. Khona-ke ugcobo lunawe, njengoba lunjalo kwabanye.

131 Manje, uSathane, akaWukholwanga. UDathani . . . Wathola oDathani bengaWukholwa, kwababangela ukubhubha bonke.

Kodwa wena uthi, "Awume umzuzu, Mfowethu Branham, uthe, 'Bathathu: UMose, uJoshuwa, noKalebi.'" Kunjalo impela. Yilokho okwakukhona. "Kodwa lapha uthi kuphela lapha, 'Babili.' Uyasho lapha ukuthi 'Kwakukhona a . . . '"

132 Uthi, "USathane ongaphezu kwemvelo." Kodwa kwakukhona uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, futhi, egcoba laba abathathu. Manje, uSathane ugcotshiwe kuphela. Kodwa omunye uyeza, omunye uyeza, bhekisisani imizuzu embalwa nje. Uza enkundleni, igama lakhe nguBalami. Ungumprofethi othanda imali; umprofethi obizwa kanjalo, umprofethi wamanga.

133 Njalo kukhona zonke izinhlobo zabaprofethi. Futhi njalo noIsrayeli futhi ehambisana neqembu, kwakhona njalo abaprofethi; bona: abayenganayo, abaprofethi abafuqayo bethilaza, ababehambisana futhi bafuna izwi lenkosi elihle, nokukhangeza, ne, kulungile, njengo Ahabi wayenamakhulu amane abo, bonke begqoke ngesitayela sabo sobufundisi. Futhi wakutshela . . . watshela i—i—inkosi enkulu enhla lapho, uJehoshafati, wathi, "Ngani, impela, nginamakhulu amane, bonke beqeqeshwe ngokwenele, abaprofethi bamaHeberu."

134 Futhi bonke bayeza futhi baprofetha. Kodwa leyondoda yayinokwenele kukaNkulunkulu kuyo ukwazi ukuthi lokho kwakungalungile, ngoba yayazi ukuthi uElija wayeyiqalekisile leyonto. Futhi uNkulunkulu wayengakubusisa kanjani Ayekuqalekisile na? Wayengeke akwenze. Wathi, "Usenaye yini oyedwa esingambuza na?"

135 Wathi, "Yebo, unaye oyedwa phandle lapha; uMikhaya, indodana kaImla. Kodwa," wathi, "Ngiyamzonda." Wathi, "Uphezu kwethu njalo engilahla futhi engitshela yonke into embi." Yayingaba kanjani . . . INgonyama yayibhongile.

UNkulunkulu wayekhulumile. Ubani owayengayikulikhuluma iQiniso na? Ngenkathi kwakuphambene neZwi likaNkulunkulu, wadingeka ukuthi ayiqalekise into. Njalo babekade benakho lokhu, umprofethi wamanga. Kodwa bebehlala njalo benaye oweqiniso, futhi. Khumbulani, kwakungekho sikole sonke sabo. Kwakukhona oyedwa wabo. Futhi kungaleyondlela okungayo kunoma yiluphi usuku. Kungaleyondlela okuyiyo, namhlanje.

136 UmProfethi wosuku uyileliZwi. Kunjalo. UmProfethi, namhlanje, akusibo bonke laba lapha abehlukile . . . Kukhona umprofethi weMethodisti, umprofethi weBaptisti, umprofethi wePentecostal, zonke izinhlobo zabaprofethi zizungezile, izwe lonke. Kodwa kusamile: kukhona umProfethi oYedwa weQiniso, onguye izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo. UJesu Kristu! Futhi UyiZwi. Kunjalo. UyiZwi: iZwi eliGcotshiwe lehora.

137 Mqapheleni manje, njengoba sihamba siqhubeka. Sithola ukuthi uJoshuwa noKalebi . . . Futhi-ke nakhu kufika uBalami kumprofethi oqashwayo. Wenzani na? Wahamba ngqo phezu kwalo lonke iZwi likaNkulunkulu, emva kokuba uNkulunkulu eselikhombisile kuye. Umelele ihlelo, namhlanje. Sizokukhombisa lokho emizuzwini nje embalwa; uDathani, ukuthi wayeyini, nokuthi babeyini bonke. Manje uBalami wayemelele ihlelo. Umuntu owayengafanele . . . owayefanele ukwazi kangcono. Wayazi ukuthi lokho kwakuyiphutha. Kodwa wenzani emva kwalokho na? UNkulunkulu wamnika isexwayiso, futhi wayesalokhu ehamba ngqo enqamula leso sexwayiso. Wayehlanyiswa kakhulu imali nokuthandwa ngabantu ukuthi wayengaba owabo. Futhi enza kanjalo amabandla namhlanje, eyongena ngqo kulowoMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Futhi sonke isexwayiso siqhuma ezweni lonke, nezibonakaliso nezimanga kulolu izinsuku zokugcina. Bangena kukho ngqo noma kanjani, ngoba bathanda udumo lomuntu kakhulu kunanoma bethanda iZwi likaNkulunkulu.

138 Nginomgane omuhle phandle lapho, oshumayela lowomlayezo; iPentecostal, phandle etshela abantu, ezama ukuhlanganisa ibandla ndawonye. Ethi "sifanele singene kulokhu, lomnyakazo wenkolo yobukristu." Ngani, abanye kubo . . . ichurch of Christ. Amaningi alamahlelo angakholelwa ngisho ekuzaleni kwentombi, nazo zonke lezizinto ezehlukene, futhi bonke bangabalokho. Bangahamba kanjani ababili ndawonye bengavumelanga na? Khona-ke, nithe "Amen" kulokho, ngiyamangala ngalokhu manje: Manje-ke angasho kanjani umuntu ukuthi ungumKristu futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi aphike ukuthi leloZwi liyilo izolo, namuhla, naphakade na? UMoya oNgcwele kuwe uyogcizelela leloZwi, lonke iZwi, "Amen. Amen. Amen." Uma iZwi lisho noma yini, uthi, "IQiniso lelo." Amen! I . . . ngoba uyavumelana neZwi. Uyavumelana noNkulunkulu. Wena noNkulunkulu nimunye. UNkulunkulu ukuwe. Uyindodana yaKhe noma indodakazi

yaKhe, likwenza umesiya waKhe, iZwi eligcotshiwe liphila liphumela ngaphandle kuwe.

139 Qaphelani, uBalami wahamba ngqo enqamula lezizinto. Wayeyihlelo eliphelele nempendulo ephelele ekunambitheni kwabo. Yilokho uDathani ayekufuna. Yilokho uKora ayekufuna. Babefuna ukwenza inhlangano ngakho. Wathi, "Sinomuntu ongcwele ukuphumela konke lapha."

140 Anginandaba ukuthi indoda amabili angahamba kanjani ndawonye ngokuphele, kunomehluko kuwo. Amakhala ethu alifani. Imilobo yezithupha zethu ayifani. Kunezinto eziningi ngathi . . . Nokho singathekelisana ngegazi omunye nomunye, ngisho nakumawele, futhi asalokhu ehlukile. Manje-ke, niyabo, uNkulunkulu nje uthola umuntu oyedwa kulokho kushwiba, nomunye akholwe kulokho.

141 Wenza umuntu oyedwa, nomuntu abaningi kulowo muntu. Njengoba bonke befa kuAdamu, bonke bayaphila kuKristu. Wenza indlela eyodwa yokufa, futhi bonke bahamba kuyo. Futhi Wenza indlela yokuPhila, futhi njengoba abaningi ongena lapho onokuPhila. Besuka kuMuntu oyedwa, hhayi umuntu oyidazini efika efa. Umuntu oyidazini akadingekanga ukuthi one. Umuntu oyedwa wona isono esisodwa. UMuntu oyedwa wakhokha inhlawulo ephelele. Akusadingi-kugaqazela ngamadolo akho, nokusho o *Yethi Mariya*, nazozonke lezi olunye uhlobo lwezinto, nokuthela kubantu abafile. UJesu wafa ukuze iSipho sikaNkulunkulu sibe mahhala. Wakhokha isikweletu ngokuphelele. Kodwa niyabo, sifuna ukuba nenye into ethize ukuyisho kuKho.

142 Bhekisisani lokhu manje. Lababafo banyukela lapho futhi bathi, "Awu, uzama ukuzenza onguyenamuntu kuphela esigejaneni. Ucabanga ukuthi uwena wedwa."

143 Futhi uMose wayesekhathele ngaye. Wabuyela emuva, wathi, "Baba . . . "

144 Wathi, "Zahlukanise nabo. Ngi—Ngi—Ngi . . . "

145 "Wonke—wonke ongasohlangothini lukaNkulunkulu, akeze ngapha." Futhi Wavula umhlaba futhi wabagwinya nya. Kunjalo na? Kucabange nje, mfowethu. O, he! Abamkholwanga ngani na? Abakholwanga ngani ukuthi—ukuthi—ukuthi—ukuthi loMose wayeyilowomholi, kaNkulunkulu na? Babefunelani ukuqophisana naye na? Bevungama njalo futhi bekhononda, ngenkathi bebone isandla sikaNkulunkulu futhi sinyakaza ngaphansi . . . Futhi uMose . . . UNkulunkulu wayekufakazisile ukuthi—ukuthi uMose wayenguMesiya waKhe ogcotshiwe. Niyabo? Futhi-ke nje . . . Niyabo, phansi enhliziyweni yabo, babefuna into ethize ehlukile.

146 Kwenzekeni kini maPhentekoste na? Eminyakeni embalwa edlule niphuma kuleyomfucufucu ebizwa ngehlelo, ukuba nizenze nibe yiPhentekoste. Nafunelani ukubuyela kukho futhi

na? Ikhoba lafanele lifike. (UHlamvu lwalungekho lapha, nokho.) Niyabo? Qaphelani, kungaleyondlela nje abenza ngayo. Lokho kwakusenhliziyweni yabo. Babefanele bakwenze.

147 Manje, niyabo, uDathani wayenombono ukuthi bonke babengenza inkolo enkulu ngakho. Niyazi, ngisho umphostoli uPetru waba nombono ofanayo eNtabeni yokuGuqulwa isimo. Wathi, "Asakhe amadokodo amathathu lapha; elinye kube-ngelikaMose, nelinye lomthetho, nelinye labaprofethi, elilodwa . . . "

148 Futhi ngenkathi esakhuluma, kwabakhona iPhimbo elehlayo, lathi, "Lena iNdodana yaMi ethandekayo. Yizweni." Kungaleyonkathi ababuka ngayo emuva, babone uJesu yedwa. Lapho Emile. WayeyiZwi. Yilokho kuphela ofanele ukuzwe, yileloZwi. Lowo nguYe kunoma yimuphi unyaka. Niyabo ukuthi iZwi lithini ngalowonyaka, futhi nibhekisise uNkulunkulu eLigcoba, futhi ehamba naLo. Yilokho kuphela.

149 Balandela iNsika yoMlilo beya eZweni eliThenjisiwe. Labo abahamba yonke indlela bakwenza, abanye babhubha. Qaphelani, babefuna iZwi lixutshwe nezwe . . . kwababangela ukweduka. Futhi qaphelani ukuthi kwenzani kubo. IZwi . . . BaLigeja ngoba babengeke balemukele iZwi eligcotshiwe. Niyabo, ufanele ube nento mbumbulu . . . Okokuqala ufanele ube nokwangempela, ukwenza into mbumbulu kuyo. Futhi lapho babenakho, noNkulunkulu wakhombisa ukuthi Wayengenakho.

150 Cabanga ukuthi lalenziwe laziwa ngokuphelele kanjani iZwi kubo, ngokwenziwa liqinisekiswe kubo. Konke lokho uMose akuprofetha kwakuzokwenzeka. Ukuthi wayebizelwe ukubathatha abayise kuleliZwe eliThenjisiwe. Yonke into uMose ayiprofethayo yenzeka, khona lapho. Akukho-Zwi laKho elehluleka. Inhlanhla enje pho okwakungaba yiyo, ukwazi ukuthi wawuhamba ehlane . . . Futhi lapho, emva . . . Ngenkathi ebatshela uMlayezo, babefanele baWukholwe kuqala. Kodwa emva kokuba esebakhiphe lapho, khona-ke uNkulunkulu wathi, "Ngizofakazisa kubo ukuthi NgiyileyoNsika yoMlilo enahlangana nayo ehlane."

151 Ngakho Wathi, "Baqoqele ndawonye bonke bazungeze intaba." Futhi Wehlela phezu kwesiqongo seNtaba iSinayi. NoNkulunkulu uqala ukuduma kuzwakale.

152 Futhi abantu bathi, "Ungamvumeli uNkulunkulu akhulume. Makukhulume uMose. Ungavumeli . . .

153 UNkulunkulu wathi, "Ngeke Ngisabuye ngikhulume nabo kanje, kodwa Ngiyobavusela umprofethi oyokhuluma eGameni laMi." Niyabo? Ngakho sithola ukuthi yilokho uNkulunkulu akwenzile njalo. Babengakuboni ngani lokho ekuqaleni na? Niyazibona zonke lezizinto, bese-ke bevungama ngokumelana noMlayezo owawubayisa eZweni eliThenjisiwe; owabaqalisa kahle, futhi ubayisa eZweni eliThenjisiwe.

Kodwa babesalokhu . . . babeWuvungamela. Cabanga, kuphelele kanjani . . . ukuthi babengahamba kanjani nsuku zonke, behamba neNkosi. Impilo enje pho yokuphilwa, khona impela ehlane! Ngesikhathi sasebusuku . . . Badla imana ekuseni, eyayehle ebusuku.

154 Manje niyazi, yejwayeleka kakhulu kubo baze bathi, "Umphefumulo wethu uyanengwa yilesiSinkwa." Niyabo? Futhi yileyondlela obekungayo ngathi. Ngicabanga ngamaqembu amancane nje esi . . . enkonzweni yami encane uqobo nje, esizweni sonke. Ngingaboni khona ukuphiliswa nezinto kuphela; ebezihlala njalo zikhona. Ukuphiliswa; uNkulunkulu njalo ubenentuba yokuphilisa ndawo ndawo. Ngisho Wake waba ne—ne—neNgelosi echibini. Futhi U . . . zonke izinhlobo zezinto. I—inyoka enobuqili yethusi ehlane. Benihlala njalo ninezifanekiso zokuphiliswa. (Lokho akusikho engikhuluma ngakho.) Ukuphilisa kuyinto eyodwa eheha ukunaka kwabantu. Noma ubani uyofaka isandla enkonzweni yokuphilisa. Bayo—bayofaka isandla kwindumezulu yomculo. Kodwa uma sekufika emphefumulweni ohluphekayo olahlekile, abazihlanganisi ngalutho nalokho. Niyabo, manje lokho akucishe kubenjalo na? Sinakho konke . . . emphefumulweni ohluphekayo olahlekile. Abafuni kuzihlanganisa ngalutho nalokho. Bayomdedela aphumputhe aphume angene kunoma yini. Bathi, "Awu, kulungile, uyasonta. Ngeke kulimaze lutho."

155 Kodwa manje, siyathola lapha . . . (Sesizofika ekuvaleni ngokukhulu ukushesha esingakwenza lapha.) Cabanga ngokuthi kwakuphelele kanjani. Ngibuka phansi ngezi—zinsuku ekade singazo lapha kulomhlaba. Ngibuka ukuthi iNkosi uNkulunkulu yenzeni. Kuqala kusukela ezibonakalisweni ezinkulu, nezimanga, nezimangaliso, sonke esazijabulelayo. Bese nibhekisisa . . . Bese kufika uMlayezo emva kwakho.

156 Bhekisisani ukuthi kwenzekeni. Uhambisana, hhayi nje ngesingawe, umuntu ekanye nawe. Ubone isixuku seziNgelosi zivela emaZulwini, zizamazamisa umhlaba wonke, ume lapho nje. Namaphephandaba ekubhalabhala; lapho okubikezelwe khona izinyanga ngezinyanga kungakenzeki ukuthi kuyokwenzeka. Nanso Yayimi lapho, yase ithi, "Isikhathi sesiseduze, buyela emuva. Uvule iziMpawu eziyisiKhombisa zezimfihlakalo ebififhliwe kuzo zonke izinguquko nezinto, uyikhiphe." Bese kufika ukushumayela nge *Nzalo yeNyoka enobuqili*, nazozonke lezizinto ezinjalo. Futhi wenzenjani abefundisi basesontweni na? Esikhundleni sokuthi . . . "Ngani, uLuther washo *lokhu* noma *okunjalo*." Bavele nje . . . Abasoze bakubona. Niyabo? Kodwa kuyinhlanhla engakanani kithina esikholwayo; ukuhamba eBukhoneni bukaNkulunkulu, nsuku zonke.

157 Sime lapho futhi sibone isivunguvungu somoya siphuma esibhakabhakeni. Saphephula intaba uhhafu yaba kabili,

simi lapho lapho esasikhona; sanquma amachopho ezihlahla nezinto ezinjalo. Nokuqhuma kweZwi kuyaphuma futhi kwazamazamisa lapho kathathu, yathi, "Kubhekisise kuya oGwini lwaseNtshonalanga." Kwawelela ngqo lapho futhi kwayizamazamisa phansi iAlaska. Futhi kuza kwehlela ngqo oGwini lwaseNtshonalanga manje. Impela nje.

158 Kuthangi, ngathatha idwala ngase ngiliphosa phezulu emoyeni, ngase ngithi, "ISHO KANJE INKOSI, 'Ihora lilapha, izahlulelo zizoqala ukungena emhlabeni. Ukuzamazama okuningi komhlaba nakho konke kuzokwenzeka. Nalo lonke uGu lwaseNtshonalanga luzozamazama kanjalonjalo.'" Bukani ukuthi kuphelele kanjani. Usuku nosuku, yonke into ingayo nje impela indlela Asho ngayo. Singakubuyisela kanjani emuva, bazalwane na? Asigcine ukukholwa kwethu ngakuYe.

159 Bathi, "Ngubani lona?" Siyazi ukuthi Ngubani. NguJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade, iNsika yoMlilo. Ngesikhathi sikaMose, bukani ukuthi Yenzani; kufanekise iNsika yoMlilo namhlanje. Kuhlala njalo . . . Abamkholwanga ngani uJesu ukuthi uyiZwi na? Babenokuhumusha okuyiphutha nokuqonda. Njengoba kwenza uEva nje, benza kanjalo manje.

160 Kwase kuthi uBalami nemfundiso yakhe yayibalungele nje bona. Futhi kwahlangana nokunambitha kwabo impela nje. Emkhosini, bukani . . . EMkhosini wabakwaMowabi, niyabo . . . O, ukuthi Wathini. Bukani lapha ukuthi yisithombe esikanjani leso namuhla, ukuthi sifanekisa kanjani emuva. (Nginihlalisa isikhathi eside kakhulu.) Kodwa bukani, qaphelani, isikhashanyana nje, uMkhosi wabakwaMowabi. Niyabo, uma Engakwazanga ukubathola khona phandle lapho ngendlela eyodwa, uBalami wakwenza, wase-ke ebahlela ebahlanganisa. Uma engakwazanga ukubaqalekisa qobo lwakhe . . . Ngesikhathi ebaqalekisa kakhulu, uNkulunkulu kwakuyilapho ebusisa kakhulu. Nje wagcina . . .

161 Niyabo, yilokho akwenzile kumaPentecostal. Asho eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi nonke niqala ukuphakama, "Naningeke niye ndawo. Kwakungekho lutho kini. Nina, naniyosha. Niyisigejane sobuhlanya nje." Kodwa ngaso sonke isikhathi ababezama ukuniqalekisa ngaso, nibuye nibuye ngqo futhi. UNkulunkulu wayelokhu embula uMlayezo waKhe. Kusukela phansi kwi Assembly endala, emuva le ekuqaleni, uMkhandlu kaZwelonke. Wase-ke Engenisa ngenkathi bemukela iGama likaJesu Kristu ngombhaphathizo wamanzi. Kwase kuthi omunye wagxuma ngalendlela, nomunye ngenye, nomunye wachezuka . . .; wahlela *lokhu* na *lokho*. UNkulunkulu waqhubeka ebusisa.

162 Manje, awu, ubonile ukuthi wayengeke aniqalekisa. Niyabo? Ngakho uzokwenzenjani na? Uzonihlela. Anilethe . . . "O, sonke simunye empeleni." Niyabo? "Sonke sikholwa kuNkulunkulu

ofanayo." Ngakho lokho nje yilokho uBalami akwenzayo. Futhi uJuda akasexwayisanga yini ngalokhu na? Baduka endleleni ka...emfundisweni kaBalami futhi babhubha ekuphikeni kukaKora. Akakwenzi yini uJuda, usingamfowabo kaJesu, asexwayise ngalokhu eBhayibhelini na? BanjengoKayini, kusukela ekuqaleni, oqashwayo. Lo owaya esontweni futhi wakha amasonto futhi—futhi wakha i altare futhi wanikela ngomhlatshelo. Baduka endleleni kaKayini. Bagijima endleleni kaBalami, futhi babhubha ekuphikeni kukaKora. UJuda weneka yonke into njengoba senza kulokhu ukusa, lapha phambi kwenu, njengoba kade sikwenza. Yonke into ilele lapho.

163 Babhubha ekuphikeni kukaKora. Cabanga ngalokho nje, ukuthi lokho kwakukubi kanjani. Ukucabanga nje ngokuthi lowoKora wa...Niyabo, wathi, "Manje, sonke sizokwenyukela emkhosini. Sonke simunye." AbakwaMowabi babekholwa kuNkulunkulu. Lezo kwakuyizinganyana zendodakazi kaLoti. Niyabo? "Sonke sikholwa kuNkulunkulu oyedwa." Ngokuqavile, babeqinise ngokuphelele. Bhekisisani uBalami enhla lapho, nje eqavile njenganoma yimuphi nje umBaptisti olungileyo noma iPresbyterian namhlanje. Ukhuphukela lapho futhi kwakukhona uIsrayeli, owayengabanga yilo ihlelo...Babe yisizwe. UIsrayeli wayengesiso isizwe. Kwakungabantu ngalesosikhathi. Babengafuni ukuhamba ngendlela kaNkulunkulu, emva kwesikhashana. Babefuna ukufana nazo zonke ezinye izizwe. Yileyonkathi abehluleka ngayo. Kodwa inqobo nje uma befuna ukuhlala noNkulunkulu, kulungile.

164 UBalami uyaphuma, wabuka phansi, wathi, "Awu, he! Ngiyamazi omunye walabo befundisi waganwa ngumfazi wenye indoda." Zonke lezi ezinye izinto, o impela, babenenqwaba. Wakhohlwa ukuzwa ukumemeza kwe—kweNkosi ekamu. Akazange alibone neze leloDwala elishayiwe, naleyonyoka enobuqili yethusi ilenga lapho yokubuyisana. Akaqondanga ukuthi babengahhukelwe kunoma yiyiphi inhlangano. Babehhukelwe esiVumelwaneni sikaNkulunkulu, futhi babehamba kulokho. Niyabo? NoBalami washo, ngokuqavile, "Ngakheleni ama altare ayisikhombisa." Yilokho uJehova ayekudinga. Yilokho uJehova ayenakho macala omabili. "Kulungile, beka amankonyane ayisikhombisa phezu kwalo." Yilokho ababekwenza ezansi lapho kulelokamu. "Ngibekeleni izinqama eziyisikhombisa kulo ngoba kuza uMesiya ngoluny'usuku." Kulungile.

165 Niyabo, ngokuqavile, babeqinisile bobabili; ngokuqavile. Niyabo? Kodwa ngoluny'usuku ngenkathi esebone ukuthi wayengenakumthola kulokho, wathi, "Uma nje-ke sizihlela thina sibe ndawonye." Futhi yilapho abenza khona iphutha labo.

166 Futhi yilapho impela nje iPhentekoste eyenza khona iphutha layo; ngenkathi ihlela emuva njengawo onke amanye

amabandla. Angisiso isitha senu. Ngingumfowenu. Ngolunye lwalezizinsuku nizothola ukuthi lokho kuyiqiniso. Kungahle kuthathe isikhashanyana okwamanje, ukujika okumbalwa kwelanga, kodwa ngoluny'usuku niyobona ukuthi lokho kuqinisile.

167 Manje-ke imfundiso kaBalami yabashaya nje . . . Yilokho ababekufuna. "Sonke simunye." Niyabo? Ngakho, baya lapho. Bonke ababaprofethi babo nabo bonke bahamba nabo ngqo. Futhi kwakusemkhosini, abafanayo bathi, "Futhi sonke siyakholwa ukuthi munye uNkulunkulu. Asikukholwe." Khona nje ababeyobe bekufuna, khona impela nje.

168 Manje nxa iMethodisti neBaptisti kul'khuni ukuba bahlangane ndawonye ngenxa yenhlangano yabo, kodwa uma kuza inhlangano enkulu, ukuthi sonke singahlangana ndawonye, kahle. "O," wena uthi, "amaPhentekoste awasoze akwemukele." Angeke? Enzani ngoluny'usuku eMissouri na? Niyawafunda amaphepha enu, impela. Niyabo? Ningeke na? Qhabo, hhayi nina maPhentekoste, nina bantu; kodwa akusini, yilowohulumeni enhla lapho oniqhubayo. Leyo yinhloko enijikisayo. Kunjalo. Ningahambi nayo. Dedani kuleyonto, lolo wuphawu lwesilo. Khululekani kulokho ngokukhulu ukushesha eningakwenza. Niyabo? Lobo ubufundi . . . Yileyonhloko kahulumeni eyenza ukuqhuba.

169 Sasingeke neze sawela futhi saba nempi neJalimane noma yikuphi okunye kwalokhu. Saba nalokhu . . . abanye balaba osombusazwe abakhulu bahlezi enhla lapha ukwenza izibhamu ezintsha futhi baqala . . . Angiyifuni imali ephuma e . . . imali yegazi ephuma kumntanami uqobo, ozophumela lapho futhi ayifele. Niyabo? Kodwa kuyilokho, ngezombusazwe okukwenzayo. Nomhlaba wonke ulawulwa ngudeveli. Yilokho impela uJesu akusho. Futhi awusoze walunga kuze kube yisikhathi seminyaka eyiNkulungwane, lapho uJesu esefika futhi engamele. Kodwa manje sinalezizinkathazo. (Angisheshise ukuze siqede manje.)

170 Lokho nje okukade kubheke . . . into nje. Yilokho nje ababekufuna. Ukunqoba kukaSathane eMkhosini wakwaMowabi. Unomunye ozayo, futhi. Ubathola bonke ngendlela efanayo. Lindani . . . Khona manjalo! Cabangani nje ukuthi benzeni. Kuyafana njengoba kwakunjalo. Akuzange kudingeke ukuba kuthathe emikhulukazi, emide, iminyaka emithathu noma emine ukukudweba. Ba . . . umprofethi wamanga, umuntu owahamba phezu kweZwi likaNkulunkulu . . . sonke isexwayiso uNkulunkulu asithumele esizweni sonke, futhi wabatshela, "Phumani kukho! Phumani kukho! Phumani kukho!" Bangeke bakwenze. Bayohlala khona lapho.

171 Abalinaki iZwi likaNkulunkulu, abanaki amaZwi, abazinaki izibonakaliso, abazinaki izinto esikuzo. Futhi baqhubekela phambili ngqo, "Sizoba nakho noma kanjani. Siqhubeka siyawela ngqo. Sifanele sibe nakho. Yilokho kuphela. Sonke simunye." Niyabubona ubuwula bukadeveli na? Leyo yinto efanayo abayenzayo eMkhosini waseNayisiya, eNayisiya, eRoma. Benza inhlangano ngawo, futhi yilokho okwenzeka. USathane waba noMkhosi waseNayisiya. O, he! Futhi selokhu kwasukela . . . Lalelani, ngizosho igama elikhulukazi lapha manje. Futhi wena oseteyipini ofuna ukuphikisa ngalokhu, kuphikisane nawe uqobo, nomlando, neBhayibheli, niyabo, kodwa hhayi kimi.

172 Lalelani! Ngasosonke isikhathi uNkulunkulu athumela ngaso isithunywa bese eqalisa uMlayezo . . . Futhi uma lelobandla, uma leloqembu labantu liba semkhosini wehlelo . . . Yilapho abakwenza khona. Yilapho nina maAssemblies enikwenze khona. Yilapho nina beOneness enikwenze khona. Yilapho bonke abanye benu bekwenze khona, emkhosini wenu wehlelo, uziphosa wena ubuyela ngqo kuleyonto efanayo uNkulunkulu ayiqalekisa kusukela ekuqaleni. Lelo yiQiniso impela. Noma ngasiphi isikhathi ibandla elake laba nemvuselelo ngaso . . . Ngesikhathi sikaLuther, bese kuba yi . . . Kwenzekani na? AmaMethodisti . . . konke kwehle njalo ngeminyaka . . . uZwingli, uFinley, uFinney, bonke abanye babo, ngenkathi babenemvuselelo, benzani ngayo na? Bayiphosa yangena ngqo emkhosini wehlelo, futhi bagaqa bangena nabo bonke abanye, banibeka isigxivizo njengabo bonke abanye. Manje-ke ninesigejane sendoda esinilawulayo. UMoya oNgcwele awukwazi ukuba ube usaqhubeka. Kunjalo impela. Uqala ukushumayela into ethize iBhayibheli eliyifundisayo, njengakho, nehlelo alikukholwa lokho; likukhiphe ngqo. Kuzame kanye futhi ubone ukuthi kuqinisile noma qha. Uzobona ukuthi kuyiQiniso. Niyabo, emkhosini wehlelo ngasosonke isikhathi ababizelwa kuwo, lowomkhosi kaBalami, kungena inkathazo. O, uLuther, uWesley, iPhentekoste, nabobonke bayizisulu kuwo.

173 Qaphelani, kwakungaleyonkathi, haleluya, ngenkathi uMose ethatha isinyathelo eya phambili wayesethi, "Ubani ongakimi noNkulunkulu na?" Amen! Kwakungaleyonkathi uLevi ahosha ngayo inkemba yakhe wase edabula ekamu futhi waqothula nya yonke into eyayixhumene nawo. Amen! Yonke into; wonke umuntu owayenowesifazane wakwaMowabi, bababulala ndawonye ngqo. Manje ihora selifikile. Uphi lowomuntu na? Aphi amadodana kaAroni, abanye bobupristi obuvumayo ukuhosha iZwi likaNkulunkulu, leNkemba ebukhali esika-nhlangothi zombili na? Wathi, "Ubani omela mina noNkulunkulu na?" Ukuphi na? Ongamema, ameme kodwa akukho muntu ophendulayo. Niyabona ukuthi ngisho

ukuthini na? Asikutholi. Sivele nje . . . Kukhona okungalungile. Qaphelani, lapho babe . . . Kwakungaleyonkathi uMose asukuma ngayo wayesesho lezizinto.

174 Qaphelani, isono sabo, abasenza lapho, ngenkathi bezihlelela bona ihlelo noMowabi futhi bazenzela umzimba owodwa . . . Leso sono asizange neze sithethelelwe kubo. Ngizogudla kulokho umzuzu nje. (Isikhathi sesihambile, kodwa umzuzu nje.) Isono sabo asizange neze sithethelelwe kubo. Akukho namunye wabo owake wafinyelela eZweni eliThenjisiwe. UJesu wathi, ku . . . Ngiyaxolisa. UJohane oNgcwele 6, uJesu wathi; kuJohane oNgcwele 6, ngenkathi bethi, "Obaba bethu badla imana ehlane" . . . BabengamaPentecostal. Mfowethu, badla imana, babenento yangempela.

175 UJesu wathi, "Futhi bona, bonke, bafile. Babhubhile. Sebephele Phakade." Isono sabo asizange sithethelwe kubo. Benzani na? Bephula isivumelwano sabo noNkulunkulu, futhi bahlela noBalami, umprofethi oqashwayo owayengasithathi isixwayiso sikaNkulunkulu; owayengalithathi iZwi likaNkulunkulu; owayengathathi lutho olukaNkulunkulu. Kodwa wayephokophelele ukubathola babe munye bonke. Ningabubona ubuwula na? Bengingahlala kulokho isikhathi eside, kodwa ngi—ngicabanga ukuthi nikutholile. Niyabo? Qaphelani, isono sabo asizange sithethelelwe kubo; akukho namunye wabo owaphila phansi kwalezozibusiso futhi adle leyomana nakho konke.

176 Uma owangempela, uMlayezo weqiniso usufika kwelamanqamu, bawuhlela. "Sizothatha abakwaMowabi nathi ndawonye. Bayinhlangano enkulu, isizwe esikhulu. Asisiso ngisho . . . Asisiso ngisho nesizwe. Sizovele nje siganane phakathi kwethu futhi—futhi sizoba kahle-ke. Sizoba nabo." Futhi akuzange kuthethelelwe; neze, neze kuthethelelwe kubo.

177 UJesu wathi, "Bona, bonke, *bafile*." Humusha lelogama ngesiHeberu noma isiGreki, noma iliphi phakathi kwawo, noma ngisho nangesiNgisi, lichaza ukuthi "ukwehlukana kwaPhakade"; sebephele kuze kube phakade. Kunjalo.

178 O, yebo, bazibona izimangaliso. Balibona iZwi eligcotshiwe. Badla imana evela eZulwini. Bazijabulela izibusiso zokubuyisana. Balibona iDwala elishayiwe likhipha amanzi aLo. Baphuza kuLo. Babejwayelene naLo siqu sabo. Kodwa uma sekufika ekwephuleni leloZwi . . . Ningakukhohlwa neze lokho! Ngenkathi uJesu ethi, "Mina noBaba waMi simunye," akashongo ukuthi bathathu. Hhe? Ngenkathi zonke lezi ezinye eziqavile ezinkulu zomBhalo . . .

179 Indoda ifika kimi ngobunye ubusuku ukungikhombisa lapho enganginephutha khona, noma ixoxa ngomthath'emunye. Nginezinkulungwane zabangani abalungile bakamthath'emunye. BakuleloBabiloni. Nginenqwaba

yabangani beOneness kuleloBabiloni, futhi. Niyabo? Kodwa kwenzekani na? Yathi, "Ngukubizwa kwamagama, Mfowethu Branham. Uyakholelwa kumthath'emunye na?"

180 Ngathi, "Impela." Ngathi, "Ngizothatha izwi lakho: ukubizwa kwamagama." Ngathi, "Umkholwa kanjani na?"

Yathi, "Ngikholwa kuNkulunkulu oyedwa."

Ngithi, "Wenza kahle." Niyabo?

Yathi, "Ngikholwa ukuthi munye uNkulunkulu, nabantu abathathu ebuNkulunkulwini."

Ngathi, "Awusiso i—isitshudeni senyuvesi iBIOLA na?"

Yathi, "Yebo."

181 Ngathi, "Kuzwakala njengayo." Ngathi, "Lokho akukhulumi kahle kakhulu ngemfundo yakho." Ngathi, "Abantu abathathu, noNkulunkulu oyedwa na?" Ngathi, "NgokukaWebster, lapho, kufanele kube ngubuntu ngaphambi kokuba kube ngumuntu. Wena ukholwa konkulunkulu abathathu, mnumazane." Ungeke waba ngumuntu ngaphandle kokuba ngubuntu, ngoba kuthatha ubuntu ukwenza umuntu.

182 Ngakho bathi . . . Yathi, "Awu, Mnu. Branham, uyazi, ngisho no—nososayensi bezenkolo ngeke bakuchaza."

183 Ngathi, "Kunjalo impela. IZwi alizi kusiyazi wezenkolo." Ehhe. Ngathi, "IBhayibheli lonke liboshelwe eSambulweni, 'Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule.'" Niyabo? Amen, nakho lapho okhona. Niyabo? Kodwa manje-ke uma sekufika kulezozinto . . . O, he!

184 Manje sifuna ukusheshisa futhi sivale masinya impela uma singenza. Ngifanele ngiyedlule eminye yalemiBhalo namanothi, niyabo. Manje, qaphelani, abazange bathethelelwe ngalokho abakwenzayo. Benzani na? Bazijabulela izibusiso. Ningakukhohlwa lokho. Ngizokuphinda futhi. Abazange bathethelelwe ngakho. Khumbulani, leteyipu iya emhlabeni jikelele. Niyabo? Idlalwa emakamu eAfrika, eNdiya, emhlabeni wonke jikelele; ihunyushwa ngezilimi ezehlukene; namakamu ehlukene, izindawo ezehlukene. Isono asizange sithethelelwe. Ini na? Ba . . .

185 Wena uthi, "Awu, akabusiswe uNkulunkulu, nge—ngenza lokhu. Nge—nge—ngenze lokhu. Ngidle imana yaseZulwini. Ngi . . . "

186 Ya, bakwenza, futhi. NoJesu wathi, "Bona, bonke, bafile." Kodwa uma sekuza eMlayezweni ngqo, lapho, ababengafanele bephule lesosiVumelwano, nesinye isizwe. UNkulunkulu wayengumehlukanisi futhi Wehlukanisa labobantu, futhi babengafanele bazihlanganise ngalutho nanoma yikuphi okunye, bagane kunoma yimuphi umuntu. Futhi elangempela, iBandla noMlobokazi kaKristu wangoqobo, lihlanganiswe

kuKristu oyiZwi. Futhi anigani kunoma yiyiphi inhlangano, noma yiliphi ihlelo. Nihlala noKristu ngqo naleloZwi, njengomuntu ngamunye. Ukukwenza kungukwehlukana Phakade noNkulunkulu. Ngethemba ukuthi wonke umuntu uyakuthola lokho.

187 Manje, endikimbeni yethu, kwakuseduze koMkhosi wePhasika; wayehamba. Kwakuyisikhathi esibi kabi. Abantu babelele ngaphandle kwamasango. Lonke iphasika lakwenza lokhu. Babengaphandle belele ezinkundleni. Izindlu zezihambi zonke zazigcwele nakho konke. Kwakuyiphasika. Kwakulindelwe lukhulu phakathi lapho. Umoya wonke wawugcwalisiwe. (Manje, cishe kweminye futhi imizuzu emihlanu ngizobe sengiphumile, iNkosi ithanda, noma eyishumi.) Wonke umuntu wafakwa umfutho wonke.

188 Bukani, kukhona izigaba ezintathu zabantu lapho. Niyabo, kwakulindelwe lukhulu. Babazi ukuthi lomuntu oxakile wayenyukela kulomkhosi. Abanye babo babeM*thanda*; babeMkholwa. Abanye babo babeM*zonda*; iningi labo laliMzonda. Futhi ngoba oyedwa wayeMthanda nomunye wayeMzonda, umuntu ophakathi nendawo *wayengazi* ukuthi enzenjani. Niyabo? Babengazi. Qaphelani, umoya wawugcwele ukulindela lukhulu. Omunye ethi, "Uma Efika enhla lapho, ngiyakutshela sizoMbiza . . . SizoMnika ukuhlola kweZwi. SizoMmisa enhla lapho ngakumpristi omkhulu. Sizobona ukuthi ukuhlakanipha kwaKhe kunjani ngokubhekana noKayafase." Wayesevele ekufakazisile lokho. Niyabo?

189 "Kodwa sizokwenza lokhu: Sizobona . . . Ngiyazi ukuthi abanye babaholi abakhulu bazoMbamba. Mfana, bazomphendukezela lowomfo omdala. BazoMazisa ukuthi Wayeyini, uma bezodlala ngabapristi bakithi. Mfana, bayazi ukuthi benzani. Bayindoda ekhaliphile. Bayakwazi abakwenzayo."

190 Abanye bathi, "Ngiyamangala ukuthi bazokwenzani ngalowomfo empeleni."

191 Abanye bathi, "O, ngiMlindele ukuba afike. UNkulunkulu unaYe. UyileloZwi. O, nje ngi—nje ngifuna ukuMbona." Niyabo? O, babehlukene. Manje, niyabo, labo ababeMazi futhi baMkholwa, babeyokwazi ukuthi kufanele balinde kuliphi isango. Niyabo? Babazi ukuthi yiyiphi indlela Ayeza ngayo. Kulindelwe lukhulu, kodwa niyazi, babengebaningi kakhulu abaMbonayo. Niyabo, baningi abangaMbonanga. Kunjalo nanamhlanje.

192 Abanye babo bathi, "Ungumuntu olungileyo. O, akukho lutho okungalungile kuYe. NjengoNapoleon, uWashington, wayengumuntu olungileyo. Kodwa, o, njengothisha, qhabo, qhabo."

193 Abanye babo bathi, "O, Ungumuntu olungileyo. O, U—Uxovekile konke nje, yilokho kuphela. Ungumfo olungileyo. Akukho muntu ongasho noma yini embi ngaYe."

194 Abanye bathi, "Qhabo, U—Ungudeveli. Ngingakutshela ukuthi—ukuthi lapho izinto zokufunda ingqondo nazo zonke lezi ezinye izinto, futhi leso—leso yisiprofetho samanga. Siphambene nesivumokholo sethu. Ningayikholwa into enjengaleyo."

195 Nomunye, wathi, "Udumo kuNkulunkulu, NguNkulunkulu. NgiyaMazi. Ngiyabona." Futhi babelindele. Manje leyo nje yindlela esimi ngayo namuhla, kodwa into efanayo: iZwi eligcotshiweyo lalelihora; uNyaka weBandla laseLawodikeya.

196 Manje sizovala ngokusho lokhu. (Umzuzwana nje.) Izigaba ezintathu zaziMlindele. Kunjalo nanamhlanje, kunjalo, zintathu. Qaphelani, amakholwa ayememeza. Niyabo? Niyabo? Inkonzo yaKhe yayiMbangele ukuba athandwe ngabanye, azondwe ngabanye, futhi emangazwa ngesinye isigaba. Niyabo? Inkonzo yaKhe. . .Ake ngikucaphune lokho futhi. Inkonzo yaKhe, noma ngabe yayiyini. . .Sesiyazi manje, KwakuyiZwi. Kodwa *inkonzo* yaKhe yayibangele abanye abantu ukuba baMthande. Babemiselwe ngaphambili ukuba bakwenze lokho. Niyabo, babekukholwa. Bakubona. Kwakungasekho. . . Ngenkathi uNatanayeli enyukela lapho, futhi—futhi Washo kuye ukuthi yini ayenza *kanjalo*, wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu wena. UyiNkosi kaIsrayeli, akukho-mbuzo engqondweni yami."

197 USimoni wayemi lapho, wathi, "O, Andreya, angizukuwela. Ngikuzwile konke lokho lapho izinto ngaphambili."

198 "Kodwa," Andreya, "ubufanele uze. Ubufanele uze, ake uze kanye nje nami."

199 Futhi Esahlezi lapho, uJesu wambona eza enyuka, niyazi, eza enyuka. Wathi, "Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJonase." Akubange kusabakhona mbuzo. Niyabo, yilokho kuphela okwakukhona kukho. Babelapho. Bakukholwa. Babekubonile. Bazi ukuthi yilokho uMesiya ayefanele akwenze uma Efika.

200 Wadingeka ukuba abe ngumProfethi, ngokuba uMose wathi, "Uyoba ngumProfethi." Nalabo ababethithiza kwase kube yiminyaka engamakhulu amane kungekho mprofethi. Kwakuthatha umprofethi ukukuqondisa, njalo kuyo yonke iminyaka. Futhi nangu Wayemi lapho.

201 Kwakungesiwo umbuzo kubo. Babelindele lapho namasundu esandleni sabo, "Uzobakhona emva kwesikhashana." Belindile!

202 Wonke umuzi, ushubile. Bathi, "Leso yisigejane sezinhlanya sibuthene phandle lapho esangweni."

203 Omunye wathi, "Angazi ukuthi Uzokwenzenjani uma Enyukela lapha. Niyazi, ngi—ngikholwa ngempela ukuthi

Ungumkhohlisi. Ngikholwa ukuthi Unonyawo lukanogwaja Aluhlikihla endlebeni yaKhe, niyazi, noma into ethize enjengaleyo, niyazi."

204 Futhi njengoba besho namhlanje, "O, kuwuhlobo oluthize lokufundwa kwengqondo. Yi—yinto ethize. . . " Bangakuchaza konke bakululaze.

205 Omunye wathi, "Lowo ngudeveli. Hlalani ngapha komuzi. Ningazihlanganisi ngalutho nalokho. Ningababambisani kulowomhlangano. Ningehleli lapho, niyabo. Asizukuzihlanganisa ngalutho nakho." Izigaba ezintathu zabantu.

206 Manje bhekisisani. Manje nangu Eza egibele eyongena emzini. Khona impela nje iZwi elathi Uyokwenza. Egibele embongolweni encane, ezongena emzini. Labo ababengabuki isivumokholo, bengabuki iThempeli, bengabuki zonke lezi ezinye izinto, bengabuki abapristi, ababezokusho. Labo abaMkholwayo, babemi lapho nesundu esandleni sabo. Nje belindele umnyakazo wokuqala. Awubezwanga neze bethi, "Ubani lo ozayo?" O, qhabo! Babazi ukuthi Ubani owayeza. Babazi ukuthi iZwi lalitheni. Niyabo? Nesinye isigaba, niyababona emuva emzini na? Kwase kuthi-ke ngenkathi bezwa lomsindo: "Hosana eNkosini! Hosana eNkosini eza ngeGama leNkosi. Hosana! Hosana!" Nakho konke ukudazuluka!

207 Abapristi baphuma begijima ukuyobona ukuthi sasimayelana nani lesisiyaluyalu sezenkolo. Nabantu bathi, "Ngubani lona?" Babezokwenzani lapho, bangane na? Umkhosi wezenkolo! Yena impela uNkulunkulu owayebenze ukuba bagcobe loMkhosi, wabatshela ukuthi Wayezoba lapho kanjalo nje, futhi bamemeza, "Ngubani?"

208 Isikhathi asikaguquki. Abantu bakhiwe ngokufanayo njengoba babenjalo ngaleyonkathi. AmaHeberu 13:8 athi, "Nguyena izolo, namuhla naphakade." Manje ngizovala ngokusho lokhu: Umbuzo awusekho kubo. Babuza, "Ubani?" Kodwa ngo 1964, umbuzo uthi: "Nithi Kungubani?" Kumayelana nani konke lokhu na? Nike nama ukuba nihlole imiBhalo na? Nicabanga ukuthi ngubani Lona na? Ngabe kungukufundwa kwengqondo na? Ngabe ngenye into ethize yasendle ephuma ehlane ngaleya ndawondawo, njengoba bathi, "UJohane wayengumuntu, engowasendle, egwilizisa abantu emanzini phandle lapho." Kanti, uIsaya wathi wayezoba lapho, umanduleli. UMalaki wathi wayezoba lapho ngakho impela nje. Labobaprofethi bathi, "Lomprofethi uyovuka khona lapho enhla ukuba akwandulele." Futhi nangu wayelapha.

209 Bathi, "Leyo yindoda yasendle. Dedani kuyo. Niyabo? Ningazihlanganisi ngalutho nayo." Futhi nakhu kufika uMesiya, khona impela nje okwashiwo ngumBhalo, "Ukuthi Wayezogibela angene emzini egibele ithole lembongolo.

Emnene futhi ethobekile, egibele ithole lembongolo, ezongena emzini, ukuze imiBhalo igcwaliseke." Futhi nakhu kumi abantu emkhosini wezenkolo futhi, njengoBalami, emkhosini wezenkolo, ethi, "Ngubani lona?"

210 Futhi namhlanje, imiBhalo yethembisela lelihora, bangane, Ugcwalisekile khona impela phakathi kwethu, amahora ngamahora. Nicabanga ukuthi Kuyini na? Ake sitadishe ngaKho ngenkathi sikhothamisa amakhanda ethu.

211 Nkulunkulu othandekayo, sonke sicabanga kanzima, ngokujulile, ngoba sifanele sikwenze lokhu. Kusezandleni zethu, Nkosi. Sibona Wena, Nkosi enkulu. Sibona isithembiso saKho seZwi. Kade sibheke lokhu iminyaka, ukuba lesisikhathi esikhulu sifike, ngenkathi siphila khona manje. Siyalibona iZwi laKho eligcotshiweyo kubantu baKho, beLiphila njalonjalo, khona impela nje Owathi kwakuyokwenzeka. Sibona iqembu likaSathane eligcotshiweyo ngaphandle ngaleya. Futhi siLenze iphethini esizweni sonke, emuva naphambili ngeZwi, ngakho akuyikubakho nalinye itshe elishiywa lingembuliwe. Angazi ukuthi ubani Ommisele ekuphileni, Nkosi. Akusiwo umsebenzi wami ukwazi lokho, lowo ngumsebenzi waKho. Kodwa ngumsebenzi wami ukugudluza onke amatshe. Nkulunkulu ngisize, siza omunye umuntu okukholwayo. Gudluza onke amatshe, Nkosi, ukuthi akuzukubakho lutho Olumiseleyo olungezukukuzwa.

212 Sifuna ukubona ukufika kwaKho, khona impela esizukulwaneni sethu, Nkosi. Siyakukholwa. Sikholwa ukuthi—ukuthi kukhona olunye uLwesihlanu lwamaSundu; uLwesihlanu lukaGudi noLwesihlanu lwamaSundu olukhona. Ukubethelwa eBandleni laKho, kodwa ukunqoba kwethu uma Ufika ugibele ungena.

213 Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobusisa, namhlanje, abantu baKho. Busisa lelibandla elincane. Busisa lomelusi othandekayo nendodana yakhe lapha, uMfowethu Outlaw ne—nendodana yakhe; bobabili uJimmy oMkh. noMnc. Busisa wonke umuntu ophakathi lapha.

214 Nkulunkulu, kwangathi nje singeze neze lapha kulokhu ukusa . . . Kwangathi nginga . . . Angizange neze ngishayele ngenyuke ngivela eTucson nje ukuba nje . . . Ukuba benginenhlanhla yokukhuluma kwabanye abantu, Nkosi, be—bekungesikho uku—ukukhazimulisa lutho kuphela loMuntu, abantu omangalayo ukuthi ngubani. Bayazi ukuthi umuntu angekwenze lokhu. Bayazi ukuthi kungaphambili le komuntu ukuba azi lezizinto. Kodwa abantu uthi, "Kuyini na?"

215 Nkosi, siyazi ukuthi NguWe. NguJesu Kristu, kumuntu kaMoya oNgcwele. UnguMoya oNgcwele. "Ngivela kuNkulunkulu. Ngiya kuNkulunkulu." Futhi sibona iNsika yoMlilo enkulu phakathi kwethu, Nkosi. Okufanayo njengoba

benza engxenyeni yokuqala yeBhayibheli ngoMose. SiYibone phakathi neBhayibheli ngenkathi uPawulu wayesendleleni yakhe ebheke eDamaseku. SiyaYibona. Manje lapha siyaYibona esikhathini sokugcina futhi. Okuthathu ngukuqinisa. BekunguMlayezo ngaso sonke isikhathi.

216 Nkulunkulu, kwangathi owesilisa nabesifazane bangabe besabambelela emasikweni nezivumokholo. Kodwa kwangathi bangaphuma kuleyonto, banikele izimpilo zabo ngokuphelele kuNkulunkulu futhi bakholwe; bangethembeli nje emcabangweni wabo ongenabufakazi nezinto zomuntu, kodwa bathembele kuNkulunkulu oPhilayo. Ngenkathi lamaholide esaqhubeka, ukumemeza kusalokhu kungukuthi: "Ngubani lona? Kuyini na? Kumayelana nani konke na?" Abantu bezenkolo basho leyonto efanayo. Futhi YiNkosi uJesu efanayo, yenziwe inyama kubantu baYo, igcoba iZwi laYo yenzela uMlobokazi. Futhi bangeLiqonde. Bonke badonseka kakhulu bayongena eLawodikeya, ngangokuthi abasazi ukuthi lonke Limayelana nani. Kodwa umprofethi wathi, "Kuyobakhona ukuKhanya kusihlwa." Ngakho manje, sifuna Khona, Nkosi. Woza, Nkosi, ubusise ngamunye.

217 Amakhanda enu ekhotheme manje, nezinhliziyo zenu. Niyakukholwa lokhu ukuthi kuyiQiniso na? Niyakholwa na? Phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Ngikukholwa ngempela lokho ukuthi kuyiQiniso, ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina. Silapha manje futhi ngikholwa ngukuthi sisonteke kakhulu . . . " Nanisemhlanganweni ngoluny'usuku, ngenkathi ukolo, uhlanga . . . Niyaqaphela, asibanganayo inhlangano elandela lokhu. Kade ngikhona lapha nomelusi wenu sonke isikhathi, unyaka uphuma ungena. Ngokuvamisile, emibili noma emithathu iminyaka futhi kuyahlelwa. Akuhlelanga ngalesisikhathi. Kungeke. Ikhoba lisukile kuWo, kodwa akusekho ukuqhubekela phambili. Ukolo, inkonzo ibuyele emuva ngqo ngendlela eyayiyiyo ekuqaleni. NguJesu Kristu phakathi kwethu, mngane. Akusuye umuntu, kuphela uMuntu uKristu Jesu ophila kuwe, futhi ufuna ukuba yingxenye kuwe, nawe ube yingxenye yaKhe. UngeMamukele namhlanje na?

218 Ngabe ukhona yini lapha ongakawemukeli umbhaphathizo kaMoya, namanje na? Manje wena uthi, "Mfowethu Branham, ngiyakutshela, ngake ngamemeza kanye." Lokho kuhle kakhulu. "Ngake ngakhuluma ngezilimi kwaba kanye." Lokho kuhle kakhulu, futhi. Kodwa noma kunjalo lokho akusikho engikhuluma ngakho. Ungamemeza kanjani futhi ukhulume ngezilimi futhi uphike iZwi na? Ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele ngukukholwa iZwi laKhe. Bekuhlala njalo kunjalo kuyo yonke iminyaka uma ningemukela iZwi. Labobapristi babedlulwe nguJesu ngamamayela ayisigidi uma sekuza ezithelweni zikaMoya: ubumnene, nokuba nokuthula, nokuzithoba, nokuthobeka. Wadwengula amabandla,

wabakhahlela bagumbuqeleka; futhi wadwengula abantu baphuma, futhi wababiza nge "zinyoka ezinobuqili otshanini" nakho konke. Niyabo? Kodwa WayeyileloZwi. WayeyileloZwi. Yilokho: kholwani nguNkulunkulu. UNkulunkulu uyiZwi. Likholweni.

219 Uma ningakaze niwemukele umbhaphathizo wamaKristu namanje, likhona ichibi lapha. Anikaze niwemukele uMoya oNgcwele wangempela namanje, lokho kunenza nazi ukuthi onke amaZwi kaNkulunkulu ayiQiniso; thanini "amen" kuLo futhi niLikholwe ngenhliziyo yenu yonke, khona-ke ningaLemukela kulokhu ukusa. Khona-ke aniyikumangala ukuthi Ubani lo owenza abantu benze ngendlela abenza ngayo. Nizokwazi ukuthi Kuyini. Uma ningenaso lesosehlakalo, ningasho yini ukuthi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni wakho, futhi ngizophakamisa isandla sami na"? Futhi uthi, "Futhi ngizo—ngizo. . . " UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubisise, wena, wena. UNkulunkulu akubusise, lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise, kuhle.

220 O Nkulunkulu, njengoba umculo udlala kamnandi. . . O, Uyamangalisa! Impela. "Mluleki, Nkosi yokuThula, UNkulunkulu onaMandla, UYise ongunaphakade." Ngikhulekela ukuthi Uzonikeza kulababantu, Nkosi. Ngingakhuleka kuphela. Yilokho kuphela engikwazi ukukwenza, ngukubacelela. Baphakamise izandla zabo. Ngenza njengoba ngibethembise ukukwenza, ngikhulekela ukuthi Uzobapha lesisehlakalo esikhulu; kungesilo nje uhlobo oluthize nje lwedlingozi, kodwa isehlakalo sangempela; ukuhlangana noNkulunkulu njengoba kwenza uMose lapho ezinkundleni eNkazimulweni yaseShekina; futhi kungesikho lapho kuphela, kodwa ukuba bangalifulatheli neze leloZwi, ukuba baqhubeke bahambe ngqo bangene eZweni eliThenjisiwe naLo. Nkulunkulu, kuphe yilowo nalowo, kulokhu ukusa.

221 Kukhona ukugula phakathi kwethu namhlanje, Nkulunkulu. Sikhulekela ukuthi Uzokuphilisa lokho. Philisa wonke umuntu ogulayo, wonke odingayo. Siphe khona, Nkosi. Bangabakho manje. Ngibanika Wena eGameni likaJesu. Amen.

222 Ngiyaxolisa, sengenyukele lapha ngqo emahoreni amabili. Kodwa bukani, ninalo lonke ikusihlwa. Ningaya ekhaya futhi ninonophale futhi nithathe isihlwathi esincane. Kodwa ningakukhohlwa enginitshele khona. Nginitshele okuvela enhliziyweni yami. Ngiyazi ukuthi kuzwakala kuxakile. Eminyakeni embalwa edlule ngingena ePhoenix lapha kanye nani bantu, ngiphilisa abagulayo ngomkhuleko wokukholwa. Angizange ngikuchaze, ngangingafuni ukukuchaza. Ngavele nje ngabhekisisa nokubona ukuthi abantu babezokwenzani, nje ngibhekisisa izilingiso nezinto zivuka. Kube yinto enkulu kimi ukuyibhekisisa.

223 Kodwa manje, ngiza kini noMlayezo ukuthi lesosibonakaliso saqinisekiswa. Okwenziwa yibandla . . . Qhabo, alizange lihlele ihlelo. Kodwa kwenzekani emahlelweni phezu kwalemvuselelo na? Enzani na? Ahamba aqonda ngqo angena kwiLawodikeya. Izigidi nezigidi, nezigidigidikazi zamadola zithululelwa kulo, futhi nje . . . futhi selibe likhulu futhi licebile futhi lakha impahla ebiza izigidi zamadola nezinto ezinjengalokho. Futhi ukwemukela uMlayezo-ke? Lutho nhlobo. BayaWuxosha. Kuyini na? Ikhoba lisuka kukolo. Manje ukolo ufanele ube yileyondlela, ukuba wenekwe eBukhoneni beNdodana ukuba uphendukele eVangelini eligcwele, uhlamvu lwegolide lweNkosi. UngeWukholwe na? Ngubani Lona, empeleni na? Kungubani na? Kungaba ngumuntu na? Kungaba yibandla na? Kungaba yihlelo na? NguJesu Kristu, onguyena izolo, namuhla, naphakade. NiyaMkholwa na?

224 Ngiyamangala manje, nokukhonza okuncane nje emva koMlayezo osikayo kanjalo, . . . Dadewethu, uthini ngokusinika i—i—indlela, nekhwaya encane lapha, mayelana nokuthi *Ng'yaMthanda*. Niyalazi iculo elidala na?

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala,
Wang'thengel'insindiso
Kwebandayo, iKalvari emnyama.

225 Ningalicula kanye nami na? Nonke manje, ngokukhonza nje. Khonzani kanye nami nje—nje.

Ng'yaMthanda, . . .

Manje, khumbulani, njengetelevishini, Usendlini yenu.

Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
EKalvari.

Niyaqonda ukuthi lokho kwakuchaza ukuthini? Ningaqonda? Niyazithola izinjulo zakho, Akwenzayo?

Ng'yaMthanda, . . .

AngiMboni, kodwa Ulapha. Nginesethi encane emukelayo phakathi lapha, into encane ekhanyisa bha enhliziyweni yami. Ngiyazi ukuthi kubonisa Yena. Ulapha.

. . . ngithanda
Wang'thengel'insindiso
EKalvari.

226 Manje, ngifuna nenze lokhu, sisalihamisha. Manje sixubene uma sekufika kulokho ebesiyikho. Khumbulani, imuva lami kwakuyiKatolika. Niyabo? Manje sonke siyiqembu elixubene phakathi lapha, kodwa sesiphumile kuzozonke lezozinto manje. SingababakaKristu. SingabaKhe. Manje sisacula leli, asiphenduke nje futhi nje sixhawulane. Akudingi sisukume. Vele uthi nje, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise,

dadewethu," sisakwenza, ngomoya wobuKristu ngempela nje. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda ukukhonzwa. Anicabangi kanjalo na? Mkhonzeni. U . . . UNkulunkulu uyinto ekhonzwayo. Futhi sifuna ukuMkhonza. Futhi sikwenza kanjani . . .? Thandanani. Nifuna ukuphathana . . . "Njengoba nenza kulaba, nikwenza kiMi."

227 Asilicule nje manje, futhi—futhi sixhawulane, futhi sikhonze nge . . .

. . . ngoba U . . .

UNkulunkulu anibusise.

O, ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
E . . .

228 Ngiyamangala, ngabe lelo liyavutha enhliziyweni yakho na? Ngabe ikhona into ethize phakathi lapho nje—nje ezwakala kahle ngempela na? Niyazi, uzwa sengathi nje ubungathanda ukuYithatha phandle lapha futhi uYigone. Hhe? Uzwa ngaleyondlela enhliziyweni yakho na? Uma ungayizwa, mngane, qaphela. Usemhlabathini onengozi, uyabo, uma lungekho uthando oluthize lwangempela phakathi lapho, into ethize, "Ng'yaMthanda." Hhayi nje iculo, kodwa ubuqiniso. Wangithanda kuqala. Bengiyoba kuphi, namhlanje . . . Ngineminyaka engamashumi amahlanu nanhlanu ubudala. Impilo yami izophela masinyane. Niyabo? Futhi engi . . . Wangithengela insindiso . . . Mfowethu Trow, oku . . . " [Indoda iyakhuluma ebandleni—Umhl.]

229 Nibuzwile lobo bufakazi, "Sindiswa."

Ngasindiswa ngamandla aKhe aphezulu,
Ngasindiswa ngaya ezimpakamweni ezintsha eziphakeme kakhulu!
Impilo manje isimnandi injabulo yami iphelele,
Ngokuba ngisindisiwe!

230 Wazi kanjani na? UMoya wami ufakazelana neZwi laKhe ukuthi ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni.

231 Ngiyanibonga, maKristu athandekayo. Lokho kungenza ngibe kahle. Ngiyathanda ukuza endaweni enjengalena lapho ozizwa khona usekhaya. Kul'khuni kimi ukusuka. Ngilokhu ngicabanga nje, ngibuka lelowashi elikhulu; futhi—futhi ngibona indodakazi yami ihlezi lapho, inginikinela ikhanda layo, futhi ibheka phansi kanjalo; ne—nendodana yami, ihlezi phezulu lapha, ithi, "Ubambezelela ini—ini lapha?" Angazi. Ngiyathanda nje ukuhlala ngalapho . . . niyazi. Angazi. Ngiyayithanda inhlanganyelo. Niyazi, angiyitholi ezindaweni eziningi kakhulu (niyakwazi lokho), ngithola

okungaphansi ngaso sonke isikhathi. Kodwa ngiyazi ngilokhu ngisondela kakhudlwana lapho. Niyabo? Futhi ngoluny'usuku ngiyoshumayela intshumayelo yami yokugcina, ngivale iBhayibheli okokugcina. Ngizothatha uhambo oluncane-ke. Nize nizongivakashela ngesinye isikhathi uma sengikwenza. Nikhuphuke, futhi nje siyohlala phansi kuze kube-phakade, futhi sikhulume njengoba kwasho uMfowethu Carl, futhi ngiphile kuze kube-phakade.

232 Manje bukani, bangane, ngizonicela into ethize engifuna niyenze. Manje senginihlalise ngaphandle kwedina lenu. Niyabo? Futhi manje, uMfowethu Outlaw wenze into ethize esikhashaneni esedlule . . . Akavamisile impela ukuba enze noma yini engingayithandi. Kodwa—ungithathele umnikelo, niyabo. Angazi noma omunye wabo uzoya yini emuva, futhi athathe lowomnikelo emuva lapho, futhi ame emnyango. Futhi nihambe niwuthathe bese nithenga idina lenu ngawo. Leso yisipho esivela kimi, sibuyele kini. Niyabo? Nenze lokho. Niyabo? Lokho kuzoba kuhle. Uyindoda enomoya omuhle. Uhlala njalo . . . Akalokothi . . . Angiyi neze noma yikuphi kumbe noma yini ngaphandle uma e—efuna ukwenza okuthize ukuba angisize. Leyo yindlela yakhe.

233 Kukhona amanye indoda emi lapha; ngi—ngiyesaba ukuwabiza ngegama lawo, kungahle kulimaze imizwa yawo. Kukhona umfowethu oligugu osanda kuhamba nje waya eNkazimulweni, uhambe ngokushesha. Isifiso sakhe . . . Wayazi ukuthi ngangiwathanda amahlathi, ngakho wayefuna ukungithengela imoto ijiphi. Angangamvumela akwenze. Kwase kuthi emva kokuba esehambile, umkakhe omncane wayefuna ukukwenza, futhi angangamvumela akwenze. Kodwa bonke abanye babafana bahlangana futhi beza ngapha . . . Futhi—futhi kukhona omunye umfowethu okhonza kulelibandla, wathi, "Mfowethu Branham, ngenza izinqola zesihlabathi." Uyazi, amakalishana; noma lokhu enikubiza ngokuthi *omagenca*. Futhi wathi, "Ngizokwenzela elinye lawo." Angangamvumela. Niyazi ukuthi lababafana benzeni? Benza i—ijiphi nomagenca wesihlabathi ndawonye. Angikaze ngiyibone enjengayo.

234 Kusukela emhlanganweni waseTucson ngalobobusuku, bayishayela bayikhuphulela egcekeni lami, base bethi, "Lesi yisipho esivela kubantu base—basePhoenix." Niyabo, abaze bazibandakanya ngisho bona uqobo nje, bathi nje, "O, yithina sindawonye, uyabo." Lokho yi . . . O, ngi—ngiyazi nje uma ngingake ngifike eZulwini, ngiyohlala nabantu abanjalo. Lokho kwasho lukhulu kakhulu kimi, niyazi, into nje ethize enjengaleyo; lezi ezincane . . . into ethize.

235 Lokho kungenza ngizizwe ngaleyondlela kuMfowethu Outlaw lapha. Uthi, "Awu, Mfowethu Branham, nje ngi . . ." Wenyukela lapha kwenye . . . nje uthole indawo ethize uze nje uthole ukukuthanda, futhi akhulume nawe, futhi ukhulume

ngoJesu. Na—nabantu be. . . Awu, uyazi, “Izinyoni zophaphe.” Uyazi, bathanda ukuthi ukuhlangana ndawonye futhi bakhulume ngezinto, bahlanganyele ndawonye.

236 Futhi ngi—ngiyakuthokozela lokho, kodwa bengi—ngingawufuni umnikelo, mfowethu, dadewethu. Ngi . . . ibandla lami linginika iholo elincane lamadola ayikhulu ngeviki futhi ngiphila kahle ngalelo. Ngakho ngi—ngiyawuthokozela. Manje uma noma yimuphi wenu efuna ukuyodla idina lenu, awu, omunye uzoba semuva lapho emnyango futhi nithole idina lenu kimi. Niyabo, kuzoba kuhle nje. Abanye benu, nginibambezele edineni lenu. NiyaMthanda na? Ngakho-ke nifanele ningithande ngoba ngiyingxenye yaKhe. Niyabo? Amen. Yingalesosizathu nginithanda. INkosi inibusise.

237 Asisukume manje. Ningayikhohlwa imihlangano yethu ezayo. Noma yisiphi isikhathi uma ningapha, khumbulani nje, ningene. Nihlala njalo nemukelekile. Nizongikhulekela na? Ngi—ngingumuntu odinga umkhuleko. Nizokhuleka na? Bangaki abangawuqonda umthwalo, engifanele ngikwenze, nezinto engihlalele ngaphambili na? Futhi ngiyazi ukuthi yini ezayo, khona ngaphandle ngaleya. Niyabo? Ngingakubona ngokufanayo nje njengoba ngibona ezinye izinto ziza. Ngiyazi ukuthi yini ezayo. Niyabo? Kodwa akukho sikhathi sokukhuluma ngalokho. Asikhulume ngalokho okwenzekayo khona manje. Ikusasa liyozinakekela. Niyabo? Niya . . . nizongikhulekela na? Manje, niziphakamisile izandla zenu nizongikhulekela na? Kulungile.

238 UNkulunkulu anibusise manje. Ngizobuyisela inkonzo kumelusi wenu othandekayo, uMfowethu Jimmy Outlaw. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Jim.

*Nithi NguBani Lona?* ZUL64-1227
(Who Do You Say This Is?)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo-Disemba 27, ngo 1964, eJesus Name Church ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org